# *Inkomba*

. . .sisafunda iZwi. Sikhumbula, emva kwalenkonzo kule ntambama, mhlasimbe nizobuyela emabandleni enu, ukwenzela inkonzo yasebusuku. Ngizozama ukuphuma kusenesikhathi ukuze nikwazi ukwenza kanjalo.

2 Lalelani. Uma ngangikuleli dolobha, ngapha, bengingaya kulama—lamabandla lapha. Bengiyoya ngempela. Angikusho. . .Kaze ngitshelwe ukuba ngisho lokhu. Kukhona indoda enhle, abafowethu bangempela. Bese kuthi-ke ngamunye wenu owamukele uKristu, uma bengalitholanga igama lakho, kungani ungababheki, ukwenzela umbhaphathizo wamaKristu, futhi ubavumele bakuhole uye embhaphathizweni kaMoya oNgcwele.

3 Uma ungenalo ibandla, ufanele; uyabo, uzofa, ngokomoya, uzovele ubohle uphele. Futhi uma ungenalo ibandla, kungani ungahambi futhi ukhulume nabo, bayojabula ukukusiza. Banga—banga—bangabafowethu kuKristu, futhi, bona, bayokujabulela ukukusiza. Akunjalo yini, bazalwane na? [Abefundisi bathi, "Kunjalo."—Umhl.] Bajabule kakhulu ukukusiza, futhi bakusize kukho, benze noma yini abangakwenzela yona. Olungile, umuntu othembekile, umuntu-mumbe ozoqaphela umphefumulo wakho futhi akunakekele. Yenza lokho.

4 Futhi uma wamukele uKristu, futhi abalitholanga igama lakho, nje ndawanathizeni esihlalweni osanda kuMamukela nje, kungani ungahambi ukhulume nabo ngombhaphathizo manje, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yenza lokho manje. UNkulunkulu akubusise.

5 Sifuna ukufunda, kule ntambama, encwadini yakwabaseFiliphu, isahluko se 2 sakwabaseFiliphu. Futhi ngifuna ukuqala ngevesi le 5.

> *Mawube kini lowo mqondo, owawukhona nakuKristu Jesu:*
>
> *Owathi, enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu:*
>
> *Kepha wazidela, ethabatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso* womuntu:
>
> *Wathi efunyenwe enjengomuntu ngesimilo, wazithobisa, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo ekufeni kwesiphambano.*
>
> *Ngalokho-ke uNkulunkulu* u*mphakamise kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke:*

*Ukuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awezinto ezisezulwini, nezisemhlabeni,. . .izinto* ezingaphansi *komhlaba:*

*Nezilimi zonke zivume ngokuthi uJesu* ungu*Kristu* i*Nkosi, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise wethu.*

Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana.

6 Nkosi yethu, sisondela kuWe manje eGameni elingcwele eli—elineGama laseZulwini, futhi wonke umndeni osemhlabeni ubizwa ngalo. Futhi Wasitshela, ngenkathi elapha, "Cela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngizokupha khona." Singabantu abalula nje, Nkosi, kodwa sikholwa yilokho ukuthi kuyiqiniso. Sikholwa ukuthi lokho esikucelayo siyakwemukela, ngoba uma owethu—uma imiphefumulo yethu ingasilahli, uma singenawo nanoma yimuphi imizwa emibi ngalokho esikwenzile, lokho akulungile, ngakho-ke sinalesi siqiniseko sokuthi uNkulunkulu uzosizwa. Ngakho-ke sicela isihe, kule ntambama, sethu sonke.

7 Futhi manje ngicela ukuthi Uzopha kulezi zethameli ezilindile, manje, ukuphulukiswa kwawo wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu. Kwangathi lena kungaba ngenye yezinkonzo enkulu kunazo zonke yokuphulukiswa esake saba nayo. Kwangathi kungaba khona okwenzekayo, Nkosi. Asazi ukuthi kuzokwenzeka kanjani, noma yini enye engenziwa, kepha sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzoba khona ngokuvelele kule ntambama, ukubhodloza angene kuzo zonke izinhliziyo nakuyo yonke ingqondo. Njengoba sisanda kufunda, "Mawube kini umqondo owawukuKristu." Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi njengoba sibona ukuthi ingqondo ingumbhoshongo olawulayo wawo wonke umuntu, ukuthi uyasiqondisa, futhi mawube kithi umqondo owawukuKristu kule ntambama. Futhi Wayehlala njalo ekholwa iZwi. Futhi manje kwangathi kungaba khona ukuthululwa okukhulu koBukhona baKhe phezu kwethu.

8 Futhi ngikhulekela laba befundisi, Nkosi, obambisene kulo mhlangano, ukuthi ngamunye webandla labo uzozuza ngezinzuzo zokomoya neziphathekayo ezinkulu kangako, ngenxa yokuma kwabo, ukuzama ukuletha kubantu babo, iVangeli, kuzo zonke izindlela zangempela abaziyo ukuthi Lishunyayelwa ngazo. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobabusisa. Futhi kwangathi abantu bangabathakasela, bazi ukuthi—ukuthi bakwenza ngenxa yabo nangenxa yeVangeli; ukuthi kwangathi bona, ekubuyiseleni, basize futhi babeke amahlombe abo esondweni, futhi bafuqele iMbangela esizama ukuyiletha emhlabeni, iNkosi uJesu.

9 Manje, Baba, sikhulekela ukuthi Uzothatha amaZwi njengoba siwafundile, futhi Ungumhumushi waKho uQobo, ngakho-ke sikhulekela ukuthi UzoLihumushela ezinhliziyweni zethu namuhla. Futhi lapho sesihamba, namhlanje, kwangathi

singasho njengalabo ababavela e-Emawusi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?"

10 Babusise, Nkulunkulu, zonke lezi zingane ezisanda kuzalwa ezisanda kuza kuWe. Ngiyakhuleka, ngendlela yazo encane enobubele, ukuthi bazokondliwa ngobisi oluqotho lweVangeli, ukuthi bayokhula babe imifanekiso emikhulu eqoshiwe kaKristu, ukuthi bangahle babe ngumlomo waKhe kanye nezinceku, ukuMkhonza kulonyaka omkhulu onethunzi esiphila kuwo manje, ekuKhanyeni kwakusihlwa. Siphe khona, Baba. Sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

11 [Udade ukhuluma ngolunye ulimi. Akuqoshwanga eteyipini. Umzalwane unikeza incazelo—Umhl.] Amen. Amen. Ngicabanga ukuthi umlayezo uzoba ngowokududuza abangcwele, nokuphakamisa . . . ukukhuthaza abaphendukile abasebasha ukuba basondele eduzane noNkulunkulu futhi baqhubeke ekuKholweni. Makabongwe uNkulunkulu.

12 Manje ngifuna ukuthatha lendaba okwesikhashana. Sithole, ngeke ngikwazi ukukhuluma kodwa nje isikhashanyana, ngoba sinamakhadi omkhuleko athi awabe amakhulu amahlanu akhishiwe, futhi bonke bafanele bakhulekelwe.

13 Ngakho manje ngenza lokhu ukuze kungahle kusize. Ngiyazibuza uma ngabe iphimbo lapho aliwawazi yini. Niyangizwa emuva le ngemuva, kulungile na? Kuzwakala nje kimi sengathi kushaya kubuye lapha. Futhi izolo ebusuku, ekwenzeni ukubizela e-altare, ngicabange ukuthi yileso mhlawumbe isizathu abantu bengakwazanga ukuqonda, ukuthi libe nokuwawaza.

14 Manje ngifuna ukuthatha lendaba kule ntambama: *Inkomba*.

15 Manje, noma ngubani, lokho kufanele kube njalo, siphila ezinsukwini lapho ukukhonjwa kudingeka. Awukwazi, ngaphandle uma waziwa ebhange, awukwazi ukushintsha isheke lakho ngaphandle uma unento ethize ekukhombayo.

16 Ngiyazi, umkami, akakwazi ukushintsha isheke. Nokho, lapho sithola isheke lethu, silifaka ebhange. Kodwa akalishintshi, ngoba akashayeli, akanayo inombolo yokuphepha yomphakathi noma lutho lokuzikhomba, ngakho ngakho-ke kuyinto enzima kuye ukuba ashitshe isheke. Ufanele ube nenkomba ethile esemthethweni, futhi ngicabanga yileso sikhathi nje esiphila kuso.

17 Uma niqaphela, uma uya ebandleni lehlelo elithile, njengeMethodisti, iPresbyterian, iLuthela, noma into ethize, ufanele ube nento ethize ukuzikhomba ngayo uma uzokhuluma. Ufanele ube nezincwadi ezikuchazayo, noma ikhadi, noma

ikhadi lenhlanganyelo, noma into ethize ukuba uzikhombe ngayo njengalapho bazi khona ukuthi uvelaphi nokuthi yini ozoyisho kulowo msamo. Ufanele ukhonjwe. Futhi—futhi ngunyaka wokukhonjwa.

18 Manje konke lokho okwenzeka kokwemvelo kuphela yisifanekiso sokuqhubekayo kokomoya. Nathi futhi, iBandla likaKristu qobo lwaLo, okungukuthi alisilo elehlelo, kodwa eleMvelo. NguMzimba ofiphele kaKristu, futhi Uyakhonjwa, nawo. Uveza ukukhonjwa. UJesu ezikhomba Yena uqobo.

19 Futhi manje sizokhuluma kule ntambama phezu kokuzikhomba, esimilweni saseBhayibhelini. Sizokwenza, noma sikhombe isimo sethu samanje, kanye nabalingiswa beBhayibheli, beminye eminyaka.

20 Manje, siyazibuza ngesinye isikhathi ukuthi—ukuthi besiyobukeka kanjani uma besingazama ukuzibuka esibukweni bese sibona ukuthi sibukeka kanjani. Kungikhumbuza ngendatshana engayizwa ngesinye isikhathi, ngomndeni owawuhlala emuva le eKentucky, lapho ngivela khona, emuva le ezweni elinezintaba lapho kukhona khona . . .

21 Awu, ugogo wami waphila iminyaka eyikhulu neshumi ubudala, futhi akakaze abone kuphela imoto eyodwa, futhi ukuyiletha ohlobweni oludala, kuze kube phezulu lapho engakhuphula khona eyami, kwathatha cishe amahora ayisishiyagalombili ukuhamba cishe amamayela amane; ukubeka izingodo emfudlaneni, nezinto, ukuyiwelisa. Akakaze abone i—i—isitimela, noma yini emdala ngokwanele. Lapho efa, iminyaka eyadlule, wakhumbula ukubulawa kukaMengameli Lincoln, waphila waze waba neminyaka eyikhulu neshumi ubudala.

22 Futhi ngicabanga ukuthi wayengakaze abe namapheya ezicathulo ezintathu noma ezine, yonke impilo yakhe. Futhi nje ngiyayibona nje imizila emincane emidala manje, njengomzila omncane wenyamazane esagqalashu okhuphukela emthonjeni, ngokusa ngaphambi kokukhanya kwelanga; nebhakede elikhulu elidala lomsedari, nezinkintshelo, izinkintshelo zethusi kulo, ukuyokha amanzi, ehlela ukupheka kwakhe. Wahlala nezinyawo zakhe ezincane zinabile, ngaphambi kweziko elidala, kanjalo, neminkenke emikhulu, futhi yona ivuza igazi phakathi lapho.

23 Kodwa lapho efa, wangigaxa, ngambamba ngezingalo zami futhi ngakhala, ngimkhulekela kanje. Amazwi okugcina engezwa ewasho, athi, "uNkulunkulu abusise umphefumulo wakho omncane manje naphakade." Ngangisengumfana nje ngaleso sikhathi. Kodwa wayemazi uKristu njengoMsindisi wakhe, kodwa babengenakho okuningi kwezimpahla zasemhlabeni.

24 Ngakho-ke kulendaba kuza lokhu, ukuthi laba bantu abakaze bakwazi ukuthenga ingilazi yokuzibuka. Babengenayo,

futhi ubaba wayenophisi nje we—isibuko ayesinameke esihlahleni, ukuba asheve ngaso, ngaphandle. Babenomfana omncane, futhi waye . . . lophisi omncane wesibuko, ngani, wayengakaze akwazi uku—ukukhuphukela lapho esasikhona, ukuba azibone. Ngakho ufika ukuzovakashela edolobheni nomunye wodadewabo bakamama wakhe owayeshade i—indoda eyayifike e-Indiana, base behlala phandle lapho. Ngakho babenekhaya, bonke babe . . .

25 Ikhaya eliyifashini endala, lalikade liyilo, babenesibuko esigcwele umnyango, ngesinye isikhathi, lapho ayengena khona e—e—emagumbini okulala. Angazi ukuthi noma ubani wenu uyayikhumbula leyominyango emidala, noma qhabo, eyayinesibuko eside ngokugcwele phansi naphezulu emnyango.

26 Ngakho umfanyana, waya endlini kadadewabo kamama wakhe, futhi wayegijima azungeze njenganoma yimuphi umfana omncane owayengagijima, futhi—futhi bamqaphela. Futhi waqala uku—ukukhuphuka izitebhisi. Futhi, lapho esenzile, ekugcineni kwezitebhisi, ngenkathi wayesondela esitebhisini sokugcina, uqala ukubona omunye umfanyana ebonakala. Futhi wema futhi wabuka umfana omncane. Kusobala, kwaku . . . Wamvayizelisa, naye wavayizelisa kuye. Futhi wayeqhubeka esondela futhi esondela, ebuka umfo omncane. Into yokuqala, wasondeza isandla sakhe. Waqalaza. Abazali bakhe babembhekile, ngoba wayengakaze abone isibuko ngaphambili. Wathi, "Awu, lowo yimi."

27 Ngakho-ke ngiyazibuza, namhlanje, uma singeke sibheke eBhayibhelini, futhi sithi, "Lowo yimi," njengoba sizibuza ukuthi yimuphi, yimuphi umlingiswa eBhayibhelini ebesiyobukeka njengaye. Futhi asithathe nje lokho kube yindikimba encane manje futhi sihlale nayo okwesikhashana. Futhi njengoba sibheka eZwini likaNkulunkulu, ake sizikhombe thina uqobo, ngoba Upha abanye phakathi lapho ukuba babe yizibonelo zalokho esiyikho. Manje khumbula ukuthi uNkulunkulu uthatha uMoya waKhe . . . noma uthatha umuntu waKhe, kepha neze uMoya waKhe; uSathane uthatha umuntu wakhe, kepha neze umoya wakhe. Ngakho ake sibone uma singakhomba isimo sethu samanje nabalingiswa beBhayibheli. Manje, bona, iBhayibheli lathi, "Zonke lezo zinto zenzeka, emuva ngalezo zinsuku, zibe yizibonelo kithi." Ziyizibonelo zethu.

28 Isimilo sethu sisibumba emfanekisweni walokho esiyikho, isimilo sethu sempilo ephakathi kithi.

29 Manje thatha imbewana encane yokuphila, futhi uma ngabe iyi—uma iyimbewana ye—yenyoni, iyoveza inyoni. Futhi uma iyimbewana ka—kakolo, iyoveza ukolo. Imbewana yommbila, iyoveza ummbila. Niyabo, ukuphila okuphakathi kuyo kubumba isimilo sayo.

30 Khona-ke sithola into efanayo, njengempilo yomdlavuza. Niyabo, imbewana, imbewaba yomdlavuza, ibumba umdlavuza. Uyimpilo embi. Impilo yethumba iyobumba ithumba, nokunye nokunye.

31 Niyabo, thina, izimilo zethu sibunjwa yilokho okungaphakathi kithina, futhi ingaphandle lethu kuphela libonisa lokho okungaphakathi. Lokho esiyikho, indlela esihamba ngayo, kungakhathaleki ukuthi sithini, impilo yethu ikhuluma kakhulu kunokushiwo amazwi ethu.

Uma singahle sithi, "Ngiyikholwa kuNkulunkulu."

Futhi ngiyothi, "Awu, uyalikholwa lonke iBhayibheli na?"

32 "Awu, angazi." Khona-ke, uyabo, izindebe zakho—zakho—zakho, khona kanye okwakho . . . impilo yakho ikhuluma kakhulu kunalokho amazwi akho ayoba yikho.

33 Uma uthi, "NgingumKristu. Angikholwa ekwenzeni . . . futhi ngikholwa konke uNkulunkulu akusho ukuthi kuyiQiniso." Bese uphila noma yiluphi uhlobo lokuphila emva kwalokho na? Niyabo, ukuphila kwakho—kwakho kukhuluma kakhulu kunalokho ubufakazi bakho obukwenzayo.

34 Futhi, niyazi, leso ngesinye sezithiyo ezinkulu kunazo zonke iBandla likaNkulunkulu esinaso. Ugweva, umgembuli, labo bantu ba . . . sonke si—siyazi ukuthi yiyiphi indlela ababheke kuyo, futhi bayazi, ngesingabo. Kodwa umfo ozisho ukuthi ungumKristu, owesifazane ozisho ukuthi ungumKristu, bese kuthi-ke aphile okuthile okwehlukile, kuyisikhubekiso esikhulu kunazo zonke izwe langaphandle elinaso, e—e—esikhona ezweni langaphandle, noma kuphi. Kuyinto embi kunanoma yini umhlaba ongaziveza, ngumuntu okufanele ukuba abe ngumKristu bese kuthi-ke aphile okuthile okunye okwehlukile kulokho. Ukuqamba amanga, ukweba, ukukhohlisa, futhi enza izinto abengafanele azenze, kungukuhlambalaza ebufakazini bakhe uma uthatha abantu abenza lezo zinto lapho. Futhi labo bangaba . . . Isimilo sethu sibunjwa ngaphakathi lapho ngokuphila okukithi.

35 Manje singathi, "UJesu wezela ukuzosindisa olahlekileyo." Yilokho Akwenzayo. Futhi manje kwakufanele kube khona okuthize kokulondoloza lokhu okulahlekile, ngakho kwakufanele kube isimilo esehlukile kunaleso esalahleka. Ngakho siyathola khona-ke, ngenkathi uNkulunkulu ebheka phansi phezu lwalesi sidalwa saKhe, Ayesenzile phezu kwe . . . esaKhe . . . izimilo zalomhlaba; isimilo saKhe esinothando, Yena qobo, wabunjwa kuMuntu kaJesu Kristu, ukuba abe uMsindisi wezwe. Yena . . . Lokhu kwenziwa ukuze Akwazi ukusikhokhela inhlawulo yokufa, futhi asihlenge. Ngokuqinisekile kwagcwalisa uJohane 3:16, niyabo, ukuthi "uNkulunkulu," akekho omunye umuntu owayengakwenza. UJesu wayengebe ngomunye umuntu. Kwakungekho esinye

isimilo nomaphi esasingaveza uMuntu onjalo njengoJesu Kristu, kodwa nguNkulunkulu qobo laKhe.

36 Manje kwakungekho lutho eZulwini, okwakungakwenza. Niyazi, uJohane wabheka phakathi e—eNcwadini lapho, iBhayibheli, sithola ukuthi wabona ukuthi kwakungekho muntu phezu komhlaba owayefanelekile ukuthatha iNcwadi, iNcwadi yokuHlengwa, futhi kwakungekho muntu eZulwini owayefanelekile. Akekho owayengaphansi komhlaba, noma noma yikuphi, owayekwazi noma efanelekile ukuthatha iNcwadi, ukuqaqa iziMpawu, noma ngisho ukuZibuka. Futhi wakhala izinyembezi, ngoba kuleNcwadi kwakuyiNcwadi yokuHlengwa, igama lakhe lalingaphakathi lapho, futhi akekho owafanelekile.

37 Kwase kuthi-ke elinye lamalunga lathi, "Ungesabi, ngokuba inqobile iNgonyama yeSizwe sikaJuda, futhi Ifanelekile."

38 UJohane wabheka ngaleso sikhathi ukubona i—iNgonyama, futhi wabona iWundlu, futhi kufanele ukuthi wabona iWundlu elihlatshiwe. KwakuyiWundlu elinegazi. Wathi Laligcwele igazi, ngoba, "KwakuyiWundlu elihlatshiwe." Futhi iwundlu elihlatshiwe linegazi, ngokusobala. "Futhi lalikade lihlatshwe kusukela ekusekelweni kwezwe. Lafika futhi lathatha iNcwadi." Kwakungekho omunye owayengakwenza.

39 Ngoba, uma utshala noma yini efana nogudluthukela emhlabathini. . . Noma ubani wabenu base-Arkansas uyazi ukuthi ugudluthukela uyini. Futhi faka lowo emhlabathini, awukwazi ukulindela ukuvuna isitshalo sommbila. Qhabo, awukwazi. Ngakho-ke uma uthathe ugudluthukela futhi wawufaka ne. . . futhi wawuxubanisa nokhula ijimson, uselokhu ungebe nalutho. Niyabo? Futhi, niyabo, akukho similo phakathi lapho kodwa lokho okuzoveza isimilo esifanayo, okubi kokubi.

40 Ngakho kuthathe into ethize eyayingekho yimbi, eyayingaveza isimilo esinjengoJesu Kristu. Futhi kwakunguNkulunkulu ebuka phezu kwemvelo yaKhe, nesimilo esingesaKhe uQobo esithandekayo; ebona lowo olahlekile, nokho emfanekisweni waKhe, kwenzelwe inkazimulo yaKhe. Futhi, ubona lowo olahlekile, uthando lwaKhe uQobo laveza obala uJesu Kristu. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa." Lowo kwakunguNkulunkulu ezibonakalisa Yena uqobo, hhayi omunye umuntu, kodwa Yena uqobo esimweni somzimba, ukuhlenga lokho okwakulahlekile. Akumangalisi ukuthi kwakufanele kudabukise kanjani lokho, lapho uNkulunkulu abheka phezu komhlaba futhi kwaMzwisa ubuhlungu ukuthi Wake wenza umuntu.

41 Ngesinye isikhathi, nga—ngangibambe intombazanyana yami ngesandla, futhi sasisenhla eCincinnati, endaweni yokugcina izilwane, futhi sasihamba sehla sihambisana,

sibukela izilwane, futhi ngezwa umsindo omkhulu phansi ngaphansi kwe—i—izibiyelo lapho i—izilwane ezinjengezimpisi nezingwe, nokunye nokunye, kwakukhona. Ngahamba ngehlela lapho. Futhi kwakukhona esikhulu kakhulu, isibiyelo esikhulu, o, siphakeme njengalolu phahla, mhlawumbe. Futhi babesanda kuthola ukhozi, oluncane, o, amaviki ambalwa ngaphambi kwalokho, ngaphandle kwe. . . futhi balithumba. Angikaze ngizizwe ngidabuke kanjalo ngalowomfo bandla. Futhi wayeya emuva. . . Uyinyoni enkulu, futhi lapha wayevalelwe esibiyelweni wonke ngento ethize umuntu ayeyenzile, wayemcuphele entweni ethile, futhi wamfaka esibiyelweni.

42 Futhi lowomfo omkhulu, wayopha phezu kwekhanda, ukhozi lwakhe olukhulu olunempandla nomsila omkhulu, lelokhanda elikhulu elimhlophe; futhi—futhi amaphiko akhe, zonke izimpaphe zashaywa zaphuma kanjalo. Futhi umuntu omdala bandla wayelele ngomhlane wakhe; amehlo akhe, ekhandlekile, ebuka nxazonke. Wayevuka, ahlehlele ngakolunye uhlangothi lwesibiyelo, futhi abheke phezulu ngasemazulwini. Yilapho ayevela khona.

43 Uyinyoni yasezulwini. Akukho okungamlandela. Uklebe ungabuthuka, ukuzama ukumlandela. Akukho okungalandela lolokhozi. Futhi uya phezulu kakhulu, amehlo akhe ahambisana nokuphakama kwakhe, angabona lokho akwenzayo ngenkathi ephezulu lapho. Kusiza ngani ukukhuphukela lapho uma ungazi ukuthi wenzani na?

44 Ngakho uNkulunkulu wafanisa abaprofethi baKhe nezinkozi, ababona izinto ngaphambili ngaphambi kokuba zenzeke.

45 Futhi ngamqaphela opha, futhi wayelala ngomhlane wakhe futhi abheke phezulu *kanjalo*. *Yilapho* ayengowakhona, kodwa umuntu wayemfake esibiyelweni. Ngacabanga, "Ukubona okudabukisa kanje pho!" Wayebuya, futhi wayendiza, abhakuzise lawo maphiko amakhulu futhi nje angqubuze ikhanda lakhe kulezo zinsimbi, futhi aqethuke kwiphansi futhi. Alale lapho, ekhandlekile, futhi aqalaze ka*njalo*; abheke emazulwini lapho ayekhululekile khona, phezulu lapho, ngesinye isikhathi, futhi manje usesibiyelweni.

46 Ngimi lapho futhi ngakhala. Ngifisa sengathi ngabe bangithengisela into, ngangiyomkhulula. Ukubona noma yini ifakwe esibiyelweni! Uma lokho bekuyokwenza umuntu, othanda impilo yangaphandle, njengoba ngithanda impilo yangaphandle, uma—uma lokho kuyokwenza indoda ikhale, ukubuka lokho; futhi lokho kwakungubuka okudabukisayo.

47 Kodwa, o, ake ngininike okunye ukubuka okudabukisayo, ngukubona amadoda nabesifazane abenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, ukuba bafakazele isimilo saKhe, nokho evalelwe ezintweni, futhi evalelelwe ngezingibe zomhlaba. Ubone

inenekazi elihle eliselisha liza lehla ngesitaladi, enjalo e—e—eyangempela . . . yena—okwalo—okwalo . . . owesifazane omuhle kangako, futhi izinwele zakhe ezinhle zonke zigundiwe; ubona ubuso bakhe no—no . . . Ubuso obuhle, ubuso obume kahle, nopende omningi kakhulu kubo, awukwazi ukusho ukuthi ubukeka njengani. Ubukeka ngathi uxebukile, nokuluhlaza sasibhakabhaka ngaphansi kwamehlo akhe, na—namehlo afana nebanda, noma impisi, noma into enjengaleyo. Futhi ukumbona egqoke izingubo abengafanele ngisho abanjwe e—ekamelweni yena uqobo, neminyango ivaliwe, ezigqokile, futhi ngaphandle esitaladini eziveza kanjalo. Futhi ukubona amadodana kaNkulunkulu, abefanele aqonde lowo njengodadewabo, ngaphandle esitaladini, eshaya amakhwele futhi ezama ukumthatha, ukuba amkhiphe ngezinhloso ezimbi. Lokho ngukubuka okudabukisayo, ukubona ukuthi uSathane uvalele esibiyelweni isintu.

48 Akukho lutho olungasilondoloza kodwa yiSimilo esingeza ngaphezu kwakho konke lokho. Lokho, ukuthi, kwakungekho lutho kukho, futhi Lokho kwakudingeka kuvele kulowoMthombo omsulwa kaNkulunkulu uMninimandla onke.

49 Lelo elihle, inenekazi elincane ebelingaba nge—eyangempela, indlovukazi encane kothile omncane, umshumayeli okhathele, angene futhi amthathe ambeke phezu kwamathanga akhe, bese emgaxa ngezingalo zakhe futhi—futhi amthulise phansi, akukho okuzothatha leyo ndawo. Leyo yingxenye yendoda. Asikho isandla esingakuthinta, lapho ukhathele kakhulu futhi ukhandlekile, kodwa onomusa ngempela, unkosikazi omnene oqondayo. Indoda iyakwazi lokho.

50 Futhi ukumbona ephuma kanjalo, usesibiyelweni iHollywood emfake kuso. Futhi—futhi izikhathi eziningi labo besifazane bazisho ukuthi bangamaKristu, futhi bacula emakhwayeni, kodwa bonke bavalelwe esibiyelweni ngomoya abangakwazi ukuwobona. Asikho isidingo sakho ukuba uzame ukukukhomba, kubo, kubonakala sengathi kuya ngokuba kubi kakhulu nakakhulu. Niyabo? Nampo lapho bekhona, uJezebeli wesimodeni ehamba ezitaladini. Futhi uthi, “Ngikunika ukuba uqonde, ngingowa*leli*, futhi ngi . . . ” Niyabo, noma kunjalo, leyo—leyonto angowayo i—imnqume yamsusa emthonjeni wokuPhila. Lapho azalwa ukuba abe yindlovukazi encane yendoda ethile, noma indoda ethile eyazalwa ukuba yi—yi—yindodana kaNkulunkulu, futhi ukucabanga ukuthi kwenzakaleni kubo, o, kuyinto embi kabi.

51 Khona-ke, niyabo, uNkulunkulu wehla, futhi isimilo sikaNkulunkulu sasinguKristu. Yena, Wayengukubonakaliswa. WayenguNkulunkulu, enziwe wabonakala. Qaphelani, uNkulunkulu enziwe wabonakala.

52 "Ekuqaleni wayekhona uNkulunkulu." Wayengesuye ngisho uNkulunkulu ngaleso sikhathi. Qhabo. U*Nkulunkulu* "yinto ekhonzwayo." Into kuphela Ayeyiyo, wayeyiPhakade. Futhi kuYe kwakukhona izingxenye ezingahlukaniseki, futhi lezo zingxenye ezengahlukaniseki kwakuyimicabango. Futhi leyo micabango yazwakaliswa yaba amaZwi, futhi iZwi lenziwa labonakala.

53 Kuyini na? Konke nguNkulunkulu, eba ngophathekayo, futhi uyingxenye kaNkulunkulu. Futhi uJesu weza ukuzohlenga labo owafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Kwakusemicabangweni kaNkulunkulu, futhi yilokho Azela ukuzokuhlenga. Futhi bona, ngokushesha nje lapho Ligadla kubo, bayaLibona, ngoba ukuPhila kuphakathi lapho.

54 Kodwa uma ukuPhila kungekho lapho, khona-ke yini abangayenza na? Niyabo? AbaLiboni. Abasoze baLibona. Niyabo?

55 Futhi yonke into, njengoba uJesu athi, "Ngalolosuku, niyokwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi; Mina ngikini, nani kiMi." Yonke into inguNkulunkulu, uba ngophathekayo. Njengomyeni nonkosikazi beba munye, ndawonye, uNkulunkulu neBandla laKhe beba munye.

56 Manje, kuthathe into ethize ukuhlenga lo wesifazane owile, okwafanekiswa ku-Eva, ngenkathi ewa. "U-Adamu akazange akhohliswe, kepha owesifazane kwathi ekhohlisiwe waba sesonweni." U-Adamu wayazi ukuthi wayenza okungalungile; owesifazane wayengazi. Yingaleso sizathu . . .

57 Angilimazi yona imizwa yenu, kodwa niyazi ukuthi bengihlale ngikumela. Angivumelani nabesifazane abangabefundisi, ngoba akufanele kube ngaleyo ndlela. Niyabo, uyisitsha esibuthakathaka. Manje sithola ukuthi lona owesifazane wakhohliswa ngothile emcaphunela iZwi, futhi nje waLiphambukisa kancanyana, futhi yilokho okwabangela yonke inkathazo; isizathu uPawulu athi, "Makathule ebandleni, angimvumeli ukuba akhulume," nokunye nokunye. Manje qaphelani.

58 Kodwa, niyabo, konke lokho okukhona, kubonisa ukukhombisa ngesifanekiso, njengalo lonke iBhayibheli, uNkulunkulu ehlangana ndawonye noNkosikazi ohlengiwe, uMlobokazi uNkulunkulu ayenaye emqondweni waKhe ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Lokho kwakuyizingxenye ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu, zivezwa obala. Futhi manje ukwenza isimilo esasingahlenga lo wesifazane, kwakufanele kube into ethize enkulu kunaye, ukuba imhlenge. Futhi ngabe nake naqaphela . . . Ngi—ngi . . . lokhu kungahle . . .

59 Manje njengoba abanye babazalwane bami abangama-Armin benjalo, i—imfundiso engeyomthetho, ningaphikisa, nje

angivele . . . Ngixoleleni umzuzu, ngingahle ngiqondise lokhu. Uma enguMhlengi . . . angisho lokhu ukulimaza manje, noma ukwehluka; angishumayeli imfundiso, kodwa ake nginibuze okuthize.

60 Uma EnguMhlengi, Uza, uku*hlenga* nguku "ukucosha lokho obekuwile," ukuhlenga kubuyele kuye endaweni lapho kwakukuyo ekuqaleni, ngakho akekho ozocoshwa kodwa labo ababesemicabangweni yaKhe ekuqaleni. Uzela ukuhlenga, hhayi lelisosha elingashaywa-mkhuba esilibonayo ngapha lizisho ukuthi bangamaKristu; kodwa lowo Azele ukuzomhlenga, lowo owayesekucabangeni kukaNkulunkulu ekuqaleni. Lona omunye yinto ethize exutshanisiwe ukubonisa iSithombe. Niyabo? Kuvele nje . . . yi—yingadi, ingadi yezimbali. Lokho kudlala ingxenye yakho. Kodwa iSithombe yilokho ofuna ukukubona, iSithombe sikaKristu, okwakunguNkulunkulu eqondiswe emhlabeni ngesimo soMuntu. Amen! Yileso iSithombe ofuna ukusibona. YiLeso. Lesi esinye siyizingxenye ezenziwe nje, niyabo.

61 Manje, lokhu kwabonakalisa esaKhe sothando, isimilo esihle ngokwedlulele, uNkulunkulu ebonakaliswe kuMuntu, obizwa ngoKristu. NguYe kuphela owayengenza lokhu. Sasingekho esinye isimilo eZulwini esasingakwenza, niyabo, kwakunguNkulunkulu. Wayeyisimo esingenasono. WayeyiZwi, isimo esingenasono sikaNkulunkulu. WayeyiZwi liveziwe. Okungukuthi, iZwi laliyisiqalo.

62 Futhi uma ukhona eNcwadini yokuPhila yeWundlu, wawungukuvezwa kukaNkulunkulu okuvela emcabangweni waKhe. Wakubona futhi wabona isifiso sakho, ngaphambili kokuba kuze kube khona ngisho i-atomu, noma yini enye, futhi ungumqondo waKhe wenziwe waba izwi, futhi wavezwa kulokho oyikho manje. Amen. Lowo nguNkulunkulu, kuwe, ebonakalisa uKristu namuhla. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na?

63 Manje, ngithemba ukuthi lokho akuphazamisi lutho, niyabo, nami bengingefune ukusho lutho oluphambene kulokho ekade nifundiswa khona.

64 Kodwa nje ukuze niqonde lokho engizama ukufinyelela kukho lapha, ukubonakaliswa, ufanele ukhonjwe. Futhi uma ukhona, futhi wawusekucabangeni kukaNkulunkulu ekuqaleni, uyabo, futhi waba ngukubonakaliswa kwaKhe lapha emhlabeni, uzofakazela okwaseZulwini, futhi njengoba Wafakazela okwaseZulwini, naye. Futhi ngenkathi Esevukile ethuneni, futhi wanikezwa umzimba; thina, lapho sesivuka, sizoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo.

65 Uvuko lungolwangempela. Luyinto eqinisekisiwe, futhi sinesiqiniselo salo manje, njengoba uMoya oNgcwele engena futhi asikhombe njengomuntu kaNkulunkulu ohlengiwe.

Amen! Uma wemukela uMoya oNgcwele, unamekwe ngophawu kuze kube uhambo seluphelile. Lokho wuPhawu lwakho olubambile, lokho kukhombisa ukuthi imali yakho—yakho yohambo isikhokhiwe. Uyisimilo esesihlengiwe. USathane akanamsebenzi nawe, lutho nhlobo. Vele ucoshe uPhawu lwakho futhi umkhombise, "Ukuphulukiswa kwami kukhokheliwe. Uhambo lwami oluya eNkazimulweni lukhokheliwe."

66 UPhawu yilokho okusebenzisayo ukugibela ebhasini, noma ebhanoyini. Ithikithi lakho luwuphawu lwakho. Niyabo?

67 Thatha uPhawu lwakho; usuhlengiwe; iSibusiso, uMoya oNgcwele. Futhi uma uSathane ezama ukufuqela okuthile kuwe, vele ukhombise *Lokhu*. Leyo yinkomba yakho. Amen. Ukhonjwa ovukweni lukaKristu. Ukhonjwa ekufeni kwaKhe lapho ufa; ukhonjwa ovukweni lwaKhe. Futhi, ngalokho, Kuyakukhomba, ukuthi wawunaYe ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngoba uhlengiwe, okungukuthi, "ubuyiselwe emuva." "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi, futhi akukho muntu ongeza kiMi uma Yena uBaba engamnikanga khona, niyabo, ekuqaleni."

68 Manje qaphelani, Wayenesono . . . engenasono, ukuba athathe indawo yonesono, ikhambi elilapha uphoyizeni. Wayengenasono ukuze Akwazi ukuhlenga izoni. UNkulunkulu wayebonakaliswe kuYe futhi wakhonjwa ngokufanele Yena uqobo kuYe. Manje qaphelani.

69 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe uthe, 'UNkulunkulu wazikhomba Yena uqobo'?" Wenza.

70 Manje, "Ekuqaleni," kwasho uJohane oNgcwele 1, "wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu." Manje iZwi lifanele libe umcabango ngaphambi kokuba libe yiZwi, ngoba iZwi lingumcabango oveziweyo. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu," niyabo, "wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi, uLizwi, wenziwa inyama wakha phakathi kwethu."

71 Wakhonjwa kanjani na? Manje amaHeberu 4, niyabo, "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lehlukanise," lisika emuva naphambili, "lihlaba lehlukanise, lehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Futhi ngenkathi Enza lokho, yingaleyo ndlela abaprofethi ababekhonjwa ngayo, ngoba bona . . . uNkulunkulu wayekhuluma futhi abatshele nje lokho okwakungalungile nalokho okwakwenzeka. Niyabo? Leyo inkomba yeZwi lehora, libonakalisiwe.

72 Wayengukugcwala kweZwi likaNkulunkulu, ngokuba Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. WayenguNkulunkulu esimeni somuntu, futhi kwathatha uNkulunkulu ukuveza isimilo esinjengalesi. Kwase kuthi-ke lokho kuphila okuthandekayo kwakufanele kuthathwe kuYe, ukuze Akwazi ukusindisa laba uNkulunkulu ngokwazi

ngaphambili ababona ekuqaleni, okwakuyimicabango yaKhe ngawe nami. UJesu weza ukuzokwenza lokho; ukuphila kwaKhe okuphelele kwadingeka kwenziwe umhlatshelo, ukuba ahlenge lowo muntu. Khona-ke, uma benza, futhi wawunoNkulunkulu emicabangweni yaKhe ekuqaleni, ungaliphika kanjani iZwi laKhe liyiqiniso, uma uyingxenye yeZwi laKhe. Amen. Impela. Oqinisekisiwe, ngokufanele, bekungebe naphutha ngakho. Wathi, "AkusiMi owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi."

73 Manje sithola ukuthi esiyaluyalwini esikhulu sosuku, abantu, mayelana nokuqonda uNkulunkulu, "uNkulunkulu engabantu abathathu na?" UNkulunkulu, yizingxenye ezingahlukaniseki ezintathu zikaNkulunkulu, njengamahhovisi amathathu: uNkulunkulu phezu kwethu, kuMoya oNgcwele phezulu lapho, eNsikeni yoMlilo; UNkulunkulu wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, uMuntu esasingamthinta futhi simphathe; manje uNkulunkulu eBandleni. UNkulunkulu ngaphezu kwenu; UNkulunkulu enani; UNkulunkulu ekini. Niyabo, uNkulunkulu ofanayo, ekubonakalisweni okuhlukene kathathu, kodwa uNkulunkulu ofanayo ngaso sonke isikhathi.

74 Qaphelani, ningabi namaphutha. IMvelo yaKhe yokungabi nasono izwakalisa iZwi likaNkulunkulu. Futhi indlela kuphela oyoke ukwazi ngayo ukuzwakalisa iZwi likaNkulunkulu, ukuthi uyaLikholwa futhi uLibhekisisa lisebenza emva kwakho, uzodingeka ube naleyoMvelo engenasono evela kuNkulunkulu. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wabonakala naYe. Ngaphambi kokuba iZwi lingake lize lizizwakalise Lona uqobo ngawe, kuthatha iMvelo engenasono ukwenza lokho.

75 Kakhulu kakhulu, kuze kube, WayeyiZwi ngokugcwele. IZwi likaNkulunkulu lageleza kuYe ngokukhululekile kangangokuthi Wayengakwazi ngisho ukukhuluma iZwi, lalidala. Niyabo, lokho kwakhombisa ukuthi WayenguBani. Ubani ongadala, ngaphandle kukaNkulunkulu na? Niyabo, uNkulunkulu nguye kuphela umdali okhona. Futhi Wayesekuvumelaneni okuphelele kakhulu, Yena neZwi babendawonye ngokuphelele, waze Wadala, ngisho Yena waba, Yena neZwi bemunye.

76 Ayikho enye imvelo eyayingenza lokhu. Ayikho enye imvelo eyayingakwenza. Asikho isimilo, lutho emaZulwini, akukho okunye, okwakungenza lokho kodwa Yena, ngokuba Wayeyisiqalo saleso Similo, uMsindisi! INgelosi ayizalwanga inguMsindisi; Yadalwa ukuba ibe yisiDalwa ukuze ikhonze uNkulunkulu, hhayi uMsindisi. Kodwa kuNkulunkulu kwakunguMsindisi. Indoda evamile ezalwa owesifazane ovamile yayingebe nguMsindisi, ngoba imvelo yayo ngeyenyama. Kodwa kwathatha uNkulunkulu, Yena uqobo! Amen. Ngi—ngithemba ukuthi niyakubona. Bhekani, lokho kwakungukuvezwa, ubonakalisa iSimilo esithize esinjalo. Kwabanye, kwakuyisimilo

esiwile; akukho okwakungasindisa. IziNgelosi azidalelwanga okunjalo. Umuntu wayeyisimilo esiwile. Bhekani, lomuntu angayenza kanjani . . .

77 Bhekani, ukukhombisa ukuthi yilabo Ayecabanga ngabo, imicabango yaKhe ngumKristu wanamuhla, imicabango ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Manje khumbulani, "UMuntu, ngenkathi ezalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ekhuluma amanga." Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akukho lutho kuye nhlobo. Ngakho, niyabo, uma wayesemicabangweni kaNkulunkulu lapho efika emhlabeni, ufike (ngomcabango kaNkulunkulu ekuqaleni) ukuveza obala ingxenye yaKhe engahlukaniseki. Niyangilandela na? ["Amen."] Khona-ke uJesu weza ukuzohlukanisa amafu abuyele emuva, ukuze leyo ngxenye engahlukaniseki ingazibonakalisa yona uqobo. Amen. Yilokho-ke. UyiZwi likaNkulunkulu elizwakalisiweyo. Manje, akukho lutho elalingabonakalisa; ezinye izimilo zonke ziwile. Khona-ke, niyabo, uJesu wezela ini, ukubuyisela lezo zimilo na? Qhabo, qhabo, bazalelwa esonweni, babunjwa ebubini.

78 Wafika njengoMhlengi. Futhi uku*hlenga* noma yini, nguku "buyisela emuva." Amen. Buyisela emuva! Kwakungumcabango kaNkulunkulu, wena! Cabanga! Umncane wena, ngimncane mina; akekho emhlabeni obengathatha indawo yami, akekho ongathatha eyakho. Wena ungumKristu futhi ugcwaliswe ngoMoya, uNkulunkulu, futhi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wakubona futhi wazi zonke izici onazo, niyabo, futhi uJesu uzela ukukubuyisela emuva. Yilokho uJesu ayekukhonela lapha, uMhlengi, umzimba womuntu, ukukubuyisela emuva. Lokho kwakudingeka kuze kube ngumuntu, njengoMhlengi, ukuveza obala izingxenye zaKhe ezingahlukaniseki njengoMsindisi, eza ukuzokuhlenga futhi akubuyise emuva lapho ovela khona. Wawu . . .

79 Uma wemukela ukuPhila okuPhakade, kunohlobo olulodwa kuphela lokuPhila okuPhakade. Lelo yigama lesiGreki, i*Zoe*. Ngabe kunjalo, mfowethu na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] *Zoe*, "UkuPhila kukaNkulunkulu uQobo." Ngakho wena, ngokuba yindodana, uba yingxenye yalokho kuPhila. Ngakho ukuPhila okukuwe akuzange kuqale futhi ngeke Kuphele. Cabanga ngakho. Angeke Kuphele, ngoba noma yini ePhakade ayikaze iqale. UkuPhila okukuwe akukaze kuqale, lokho ngukuthi, uma unokuPhila okuPhakade. Futhi lowo nguNkulunkulu, ngokuba wawusemcabangweni waKhe kusukela ePhakadeni, futhi manje kuvezwa lapha esidalweni esingumuntu, ngenxa yenkazimulo yaKhe. UJesu weza ukuhlenga lokho, eyiNdodana, ukugcwala kukaNkulunkulu kwakudingeka kuze kube yilokho. Isimilo esingenasono sikaNkulunkulu senza lokho, ukuze Akwazi ukuhlenga lena eminye imicabango eyayizoza kuYe, ukwenza uNkosikazi.

Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthi na? O, yindaba emangalisa kakhulu! Asi...besingafanele sifinyelele kulokho, empeleni. Asiqhubeke. Kulungile.

80 Qaphelani, "wadala." UNkulunkulu, uNkulunkulu wageleza ngaYe njengo—umoya omkhulu uyogeleza e—esakhiweni, noma njengamanzi ageleza ezansi ngomfudlana, ngisho ngabe Waye...Yena neZwi beMunye. Asikho esinye isimilo esasingakwenza, ngokuba WayenguYe kuphela owazalwa ngaphandle kokwenyama. Bonke abanye babo kwakuyisifiso socansi, ngokwenyama. Wazalwa ngaphandle kwesifiso socansi. Wayezalwa yintombi.

81 UNkulunkulu ezikhombe Yena uqobo njengoba sinjalo. Wathatha—Wathatha ubukhulu baKhe, lokho Ayeyikho, ubukhulu baKhe njengoNkulunkulu, wase enweba itende laKhe phansi lapha futhi waba ngumuntu. Wazenzela Yena uqobo itende, umzimba ukuba ahlale kuwo, futhi lowo mzimba waziwa njengoJesu. UNkulunkulu wayehlala kuKristu. Niyabo, Uba ngumuntu, ukuze asisindise. Futhi Wathatha esethu phezu kwaKhe, isimo sethu, ukuze Akwazi ukubumba phakathi kithi isimilo saKhe.

82 Futhi isimilo saKhe sasingukuthi, ukuthi, Wenza konke okwakuthokozisa uNkulunkulu, futhi Wahlala neZwi. Yilokho Ayekufunela thina, sihlale neZwi likaNkulunkulu, sithole indawo yethu, bese-ke sazi lapho sasikhona. Hlalani neZwi laKhe! Futhi, cabangani ngakho, simenywa ukuba silolonge isimilo sethu uqobo sifane nesaKhe. Manje sizothola lokho esikwenzile. Silolonge isimilo sethu sifane nesaKhe uQobo, ngoMoya waKhe uQobo. Khona-ke thina, ngaYe, singamadodana kaNkulunkulu, nje lokho engikuzwakalisile, ngokuba nomqondo waKhe kithi, ukulolonga isimilo sethu sifane nesaKhe, umqondo waKhe. "Mawube kini lowo mqondo owawukuKristu." Uma lowo mqondo ukini, khona-ke, niyabo...

83 Wenza lokho kuphela okwathokozisa uNkulunkulu. Wayazi ukuthi WayeNgubani. Wafika, iNdodana kaNkulunkulu. Wayazi ukuthi Wayezothatha leyo ndawo. Isimilo saKhe sasifanele sibe ngaleyo ndlela. Futhi-ke ngenkathi Yena, ethathe lendawo, Wayazi ukuthi uMesiya wayedingakala enze ini, futhi njalo wayefuna uNkulunkulu ukuba enze lezo zinto, futhi akenzanga lutho waze uBaba waMkhombisa.

84 Manje uma uthola indawo yakho, dadewethu, ungangivumeli ngikulimaze, noma mfowethu, kodwa uzothola indawo yakho eZwini, njengomKristu. Akusikho lokho isivumokholo esikushoyo; lokho kuphansi lapha kulelisosha elingashaywa mkhuba elizobhujiswa. Niyabo, uthola indawo yakho njengomKristu, ngenxa yokuthi isimilo sakho silolongwe njengesikaKristu. Wena uyi*Zoe* ngokufanayo njengoba

Wayeyi*Zoe*. Khona-ke uma iBhayibheli lasho "kowesifazane ukuba angazigundi izinwele zakhe," ungakwenza kanjani na? Lithi "indoda ingumbusi wekhaya," nina besifazane ningaba kanjani na? Yini indaba ngawe ndoda eningamadodana kaNkulunkulu na? Niyabo? Niyabo, aniyitholi indawo yenu. Niyabo? Bhekisisani manje. E... Uyamenywa ukuba uze futhi uthathe isimilo saKhe. Ngokuba nesimilo saKhe kuwe, kukubumbela emqondweni ofanayo Ayenawo, futhi umqondo waKhe wawuhlala njalo ufuna ukwenza lokho uBaba ayeMgcobele khona ukuba akwenze.

85 Wathi, "Hlolani imiBhalo. Iyona efakaza ngaMi." Ngamanye amazwi, "Uma ngingenzi khona kanye lokho umBhalo owathi Ngiyokwenza, khona-ke Ngikhombiseni ukuthi kuphi."

86 Manje kuthiwani uma uNkulunkulu eme emsamo namhlanje, futhi wathi, "Yini edingakala kumKristu na?" Khona-ke sonke besiyoba kuphi na? Niyabo, isimilo asizivesi sona uqobo.

87 Umqondo wakhe kwakungukuhlala neZwi likaBaba. Umqondo wabo—wabo... Umqondo ofanayo owawukubo wawuzoba kithi. Futhi uma umqondo waKhe ukithi, sizokwenza njengoba Enza. Uma isimilo saKhe sikithi, siyoba njengoba Wayenjalo. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bonke abaprofethi babenalowo, siyazi. Sithatha, sithathe cishe uNowa, indlela enza ngayo ngosuku lwakhe, uMose, indlela enza ngayo ngosuku lwaKhe, uDanyeli osukwini lwakhe, abantwana bamaHebheru, nokunye nokunye.

88 IZwi libumba isimilo sikaNkulunkulu kithi, futhi noma yini ezame ukuzixubanisa naleso similo, ibhidliza ubumba. Ungeke waxubanisa isivumokholo neZwi. Ungeke waxubanisa izwe neZwi. UJesu wathi, "Ungeke wakhonza uNkulunkulu nomamona." *Mamona* kusho "izwe." Awukwazi ukuba; okunye noma okunye. "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe." Ngabe yiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke, niyabo, ungeke wakuxubanisa.

89 Ungeke waxubanisa amafutha namanzi. Angeke nje kwaxubaniseka. Ungakuxukuza phansi naphezulu, wenze noma yini oyifunayo, ungeke wakuxubanisa.

90 Futhi isimilo sakho ngeke saxubana nezwe, uma ubunjwa esimeni sikaNkulunkulu, ngokuvumela umqondo owawukuKristu ube kuwe. Lowo ngumbhoshongo olawulayo, inkombandlela.

91 Manje ake sibuke esibukweni sikaNkulunkulu, iZwi laKhe, futhi sikhombe isimilo sethu samanje ngesinye isimilo seBhayibheli. Futhi sizovala nje emizuzwini embalwa manje. Sizikhombe thina uqobo. Manje *Lesi* yisibuko ofuna ukwenza njengoba lowo mfana omncane enza, ebuka kuso. Ake

sibuke ku*Lesi* futhi sibone ukuthi singazibona thina uqobo sibonakaliswa ngesimilo esithize seBhayibheli. Sibone ukuthi benzeni ngaphasi kwezimo ezithile, futhi sibone ukuthi senzani manje. Manje ngilalelisise ngempela manje, ubone ukuthi isimilo sakho samanje njengomKristu siyini.

92 Manje ungakwazi ukwahlulela. Lokho ngeke kwenza noma ubani akwahlulele; uzahlulela wena uqobo, niyabo. Akekho okwahlulelayo. Angedlulisi sona isahlulelo. Kodwa ake nje sibonakalise, sibone ukuthi kubonakalisa kanjani kwabanye abalingiswa beBhayibheli, njengoba sibabalula, futhi sibone ukuthi isimilo sakho ngubani kulesi sikhathi samanje. Manje qaphelani, i—i—iZwi lidala isimilo, siyakwazi lokho, manje sibuka esibukweni saKhe futhi sizikhombe thina uqobo ngomunye—munye umuntu eBhayibhelini.

93 Uma wawuphila ezinsukwini zikaNowa, futhi wawusesimilweni sakho samanje...Uma ungiqonda, thani, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma wawuphila ezinsukwini zikaNowa, futhi usesimilweni sakho samanje, iluphi uhlangothi obuyoba kulo na? Qaphelani, niyabo. Esimilweni sakho samanje; manje cabanga ngalokho oyikho. Lapho amaqembu...Yiliphi iqembu obuyokhonjwa nalo, uma ngabe isimilo sakho samanje besiyophila ezinsukwini zikaNowa na? Ngabe ubuyoba nomprofethi neZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe, limi engcosaneni, iqembu elincane, noma nabafo abanombono othandwa ngabantu balolo suku na? Yisiphi isimilo na?

94 Ngabe ubuyoba ngowamabandla, nezinto, okwakuhlekisa ngalowo mprofethi phezulu lapho na? Ngabe ubuyobe uhamba wenyuka neqembu elakhuphuka futhi lathi, “Awu, anginanto emelene naleyo ndoda endala; ingahle ukuba iqinisile,” noma ngabe ubuyobe uphakathi lapho ugcoba ngetiyela le kanye naye na? Manje cabanga ngesimilo sakho manje. Yini owawuyoyenza lapho konke kwakumelene nakho na?

95 Khumbulani, izwe laligxeka umprofethi nomlayezo wakhe, na—nakho konke, izwe, wagxekwa. Onke amabandla ayemgxeka. Yonke isayensi yathi, “Lendoda iyahlanya.” Njengoba basho ngoJesu, bedla inyama futhi bephuza iGazi laKhe, bathi, “LoMuntu udla abantu. Uyizimuzimu.” Niyabo? Ngakho niyabona lapho abanengqondo, lokho esikubiza ngabantu bezwe abanengqondo, ososayensi na?

96 Ngabe benazi, uma uthola imfundo eyengeziwe nesiko elengeziwe, benazi ukuthi yiluphi uhlangothi okulubeka kuwe na? Ikubeka ohlangothini lukadeveli. IBhayibhili lasho ukuthi, “Abantwana bobumnyama bahlakaniphile kunalabo bokukhanya.”

97 Bukani amadodana kaKhayini, onke awo aba ngososayensi, abathengisi ezakhiweni, futhi benza inqubekela phambili

enkulu. Kodwa amadodana kaSeti onke ayethobekile, abalimi, abalusi bezimvu. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Indoda eyaziwayo, yasendulo, njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, ukuthi bakha kanjani futhi benza, futhi bakha izivivana nakho konke, ososayensi. Bukisisa impela manje, niyabo. Lona abantu bawugxeka lomlayezo walendoda, nakuba yayinobufakazi bukaNkulunkulu nayo.

98 Noma bekungathiwani ukuba waphila ezinsukwini zika-Eliya; u-Eliya, lapho yena engumelusi ngalolo suku na? Futhi uJezebeli, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu edlule, iHollywood yayiqala, nawo wonke upende wakhe namafashini, wayenawo onke amadodakazi akwa-Israyeli enza into efanayo. Futhi indoda eyodwa endala imile lapho futhi ihlasela ngendlakadla imelana nakho! Futhi bonke abapristi bethi, "O, awu, umfo omdala, myekeni, uzofika ekupheleni kwakhe emva kwesikhashana. Akukho lutho kukho. Futhi yona, inkosi yethu enhle egqoke njengoba nathi sigqokile, futhi inezingubo zikanokusho, nesizwe esondliwe kahle kunazo zonke, nakho konke, kwenza noma yimuphi umehluko noma ngabe wenza *lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye* na? Kwenza muphi umehluko na?" Abelusi babelokhu bekusho.

99 Kodwa nakho kumi umuntu oyedwa, eyedwa, eno ISHO KANJE INKOSI.

100 Manje esimilweni sakho samanje, ngabe ubuyobekwa kuphi-ke na? Manje buka esiBukweni, lapho uya ekhaya uzobona lapho ukhona. Niyabo? Niyabo? Yini, simo sini isimo sakho samanje manje ebesiyokubeka ngalolo suku na? Ngabe wawuyobe uhambe nomqondo wesimodeni, ihlelo, isibonakaliso, umfo, "O, awu, sonke sishadile"? O, impela, bonke bakhonza uJehova njalo ngenyanga entsha, futhi bamemeza kakhulu futhi baphuza amanzi emthonjeni, futhi badumisa uNkulunkulu waseZulwini owabakhuphula, nakho konke kanjalo, kodwa baqhele ngamamayela ayizigidi ukusuka emgqeni. Besiyokubekaphi isipiliyoni sakho samanje somKristu esikhathini sika-Eliya na? Ubuyokhonjwa kuphi na? Yiluphi uhlangothi ongabe waluthatha ngaleso sikhathi na?

101 Noma, ngenkathi uMose eletha u-Israyeli, ehlela lapho njengomprofethi okhonjiwe, eneZwi uNkulunkulu ayelethembise u-Abrahama umprofethi, kuzokwenzeka, futhi uMose wehla futhi wenza zonke izibonakaliso lezo uNkulunkulu amtshela ukuba azenze. Lalelisisani manje, sizovala emzuzwini. Wakhipha labo bantwana futhi bangena ehlane, umlayezo, njengani maPentecostal nashiya eminyakeni engamashumi amahlanu edlule nisuka ehlelweni, futhi bawela u—umugqa ngapho, futhi lapho kwavuka indoda, yathi, "Manje anilinde umzuzu, ake senze inhlangano kulokhu," umfo obizwa ngoDathani. "Mose, ucabanga ukuthi nguwe yedwa ebhishi. Ucabanga ukuthi nguwe kuphela umuntu ongcwele

phakathi kwethu. Sinaye omunye umuntu ongcwele, yisho okuthile ngalokhu. Sizozenzela nje iqembu elincane, futhi sizokukholwa *ngale*ndlela, futhi sizokukholwa *ngale*ndlela, futhi sizokukholwa *ngale*ndlela."

102 Manje yiliphi iqembu isimilo sakho samanje ebesiyokukhomba na? Ngabe wena, ezinsukwini zika—ka-Eliya, ngabe ubuyophumela lapho lapho uJezebeli, ethi, wagunda izinwele zakhe futhi wapenda ubuso bakhe, futhi wayengowesifazane wesimodeni na? Manje cabanga nje lapho okhonjwe khona manje. Wena uthi, "NgiyiPent-. . ." Angisho ukuthi uyini. Ngibuza isimilo sakho. Siya ngaphansi kwalezizinto ezincane ozibukayo. Siyaqhubeka kwingaphakathi lakho.

103 Niwuzwile lowo Moya oNgcwele izolo ebusuku, ukuthi Umemeze kakhulu kanjani lapho ekugcineni na? Yingaleso sizathu ngisho lokho engiyikho namhlanje. Niyabo? Vulani okwenu uku under-. . .ukuqonda kokomoya, bantu, ku—kuleyithi kunoma nicabanga. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Ningakwazi. Yi—yindlela lowo muntu angahle acabange ngayo ukuthi uqinisile. Kodwa ngacabanga, mhlawumbe, uma iNkosi ingangivumela ngikhulume lokhu, ukuthi bayongixolela ngakho, i—ihlangano, noma, abazalwane; okungukuthi, ngiyazi ukuthi bayakwenza, bahambisana nami kukho.

104 Qaphelani. Kodwa, lokhu, uma—uma nje ungakwazi ukuzibona wena uqobo namhlanje, ekukhanyeni; uma umoya wakho, owawukuwe, waphila esimilweni emuva lapho. Manje buka lapho ukhona khona namhlanje, futhi uzobona lapho owawuyoba khona emuva lapho. Wawuyoba kuphi ngaleso sikhathi na? Ngabe ubuyobe ucheme nenhlangano uDathani ayefuna ukuyihlela na? Noma, ngabe isimilo sakho samanje besiyokuhlukanisa kuleyo, futhi wahlala neZwi, niyabo, lapho kwakubonakala sengathi konke kwakumelene nakho na?

105 UMose wayekade eqinisekisisiwe, ukuthi wayenomyalezo weNkosi. UNkulunkulu wayekufakazisile ngazo zonke izindlela, khona kanye Akusho kwafezeka; watshela u-Israyeli, kubuyela kuthi ngqu kuDuteronomi, emuva le phakathi lapho, "Kungakhathaleki ukuthi lezi zibonakaliso ziyoba yini, ufanele ulandele lokho futhi ukulalele, futhi uzwe lokho iZwi elikuthembisile." Wabonakaliswa.

106 Futhi noma kunjalo uDathani, umholi okhaliphile ezansi eGibhithe, wasukuma wayesethi lapho, "Uyozama ukuzenza wena uqobo okunguyena kuphela onakho konke."

107 Lokho kwakungesiwo umcabango kaMose. Wayenza kuphela lokho uNkulunkulu ayemmisele ukuba akwenze. Bonke babengadingeki ukuba babe ngoMose. Abantu babedingeka kuphela ukuba balandele lokho akushilo. Wonke umuntu

wayengadingekile ukuba adale, futhi enze izimangaliso nezinto. Yileyo inkathazo ngabantu namhlanje.

108 Inenekazi langibuza, ngiza ngehla ngomgwaqo, ngolunye usuku, ngivela enhla lapha. Lathi . . . NguFlorence Shakarian, udadewabo kaMfowethu Demos, noDadewethu Williams nabo behleli emotweni. Lathi, "Mfowethu Branham, ngizila ukudla futhi ngizile ukudla futhi ngizile ukudla, futhi noma kunjalo angikwazi ukukhipha odeveli."

109 Ngathi, "Awuzalelwanga ukwenza okunjalo. Umsebenzi wakho, ngukuzila ukudla. UMoya oNgcwele usebenza komunye umuntu phandle lapho ukwenzela lokho. Awuyazi indawo."

110 Ukuba besinesikhathi, besingafundisa lezozinto emihlanganweni emide. Ukuthi kanjani ukuthi umuntu oyedwa uthweswe umthwalo, njenga*lena*, ngento ethize nga*lapha*. Awazi, awazi, futhi akusikho okwakho ukuba wazi. NguYe okwenzayo. Uthobela nje ubizo lwakho, futhi njalo uluhambisa emgqeni nomBhalo, ubone ukuthi lulungile noma qhabo.

111 Manje sithola ukuthi, kokubili . . . Lona kwakunguMose owagxekwa, futhi wa—wagxekwa yileli qembu, kodwa uNkulunkulu wathi kuMose, "Zahlukanise kuye, ngoba ngizomgwinya emhlabathini," futhi Wakwenza. Manje, niyabo, ufanele wazi ihora ophila kulo, futhi manje hlulela isimilo sakho ngalokho ababeyikho.

112 Noma, ezinsukwini zikaKristu. Ngifuna ukunibuza manje. Lapho babenamakoliji ezenkolo amahle kunawo onke, abefundisi abahle kunabo bonke, abafunde ngokuphakeme kunakho konke, amasiko angcwele aphakeme kakhulu kunawo onke, nakho konke lokho thina, abake baba nakho; futhi ngenkathi uJesu efika enkundleni, empeleni Waye "yihlubuka," kubona. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wakhombisa isimilo saKhe uQobo kuYe, ngokubonakalisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Futhi Wathi, "Uma ningazi ukuthi NgiNgubani, hlolani imiBhalo."

Bathi, "Siyamazi uMose. Asi . . . "

113 Wathi, "Ukube benimazi uMose, beniyongazi Mina. Yena waloba ngaMi."

114 Manje, ukuba wawuphila ngalolosuku, futhi wawuyilunga lelinye ibandla elihle loMkhandlu waseSanhedrin, umelusi omuhle, yiluphi uhlangothi owawuyolithatha na? Luphi, yiluphi uhlangothi isimilo sakho manje esasiyokubeka kulo na? Cabanga. Kukuwe. Hlangothi luphi, ngabe isimilo sakho—sakho manje oyiso, ubuyozikhomba kuphi ezinsukwini zikaJesu, lapho umelusi wakho ethe, "O, lezozinto zingumbhedo"?

115 Futhi nokho nakhu kubuya uJesu, ethi, "UmBhalo wathi Ngangizokwenza *lokhu*," futhi Wakwenza. "UmBhalo wathi Ngangizokwenza *lokhu*, futhi 'ngizalwe yintombi.' UmBhalo

wathi Ngangizokwenza *lokhu*," futhi Wakwenza. Wathi, "Hlolani umBhalo futhi nibone lapho ngehluleke khona."

116 Kodwa bathi, "Ningamnaki lowomfo; Uphambene emqondweni waKhe." Niyabo?

117 Yisiphi, similo sini samanje onaso na? Ubuyobekwa kuphi emuva lapho ngalezo zinsuku lapho uJesu wayesemhlabeni, ngenkathi amahlelo amakhulu nososayense bezenkolo bonke wayemelene naYe, nabo bonke abafundisi nososayense bezenkolo balolo suku wayemelene naYe, bonke abafundisi beBhayibheli bemelene naYe na? Melene nani na? Ngokumelene neZwi elingunqam'la juqu likaNkulunkulu lalowo nyaka lifezeka, likhonjiwe, uNkulunkulu Yena uqobo ekhonjiwe.

118 "IGama laYo liyakubizwa ngoMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise Ongunaphakade. Intombi iyokhulelwa futhi izale lendodana. Umbuso uyoba phezu kwamahlombe aYo, niyabo, okoMbuso waKhe akukho ukuphela." Ubani loMuntu na? Ingane, uNkulunkulu, bese kuthi-ke uNkulunkulu eba yindoda. Ubungacabanga uJehova ekhala njengengane na? Ubungacabanga uJehova ezalelwa enqolobaneni na? Ubungacabanga uJehova edlala njengomfana na? Ubungacabanga ibandla, elazisho ukuthi likhonza Yena, liMbethela na?

119 Manje yiluphi uhlangothini obuyokhonjwa kulo na? Lokho iqiniso du, iZwi elingunqam'la juqu elalikusho, Lona qobo, noma ngabe wawuyothatha isivumokholo sakho na? Isimilo sakho samanje, ubuyoba kuphi na? Manje yilapho ngqo obuyoba khona. Noma ngabe yikuphi lapho ukhona ngqo manje, lokho yilokho obuyoba kukho emuva lapho, khona kanye nje, ngokucacile. O, he!

120 Ngenkathi, isibonakaliso saKhe sobuMesiya, manje bhekisisani, isibonakaliso saKhe sobuMesiya sakhombisa isimilo saKhe, ngokuba kwakunguNkulunkulu kumuntu, iZwi. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Sahlulela imicabango, futhi sabatshela zonke lezizinto.

121 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . iZwi lamthola engaphakathi. Kodwa ngenkathi iZwi liqala ukubaneka, waSithola. Wayengomunye waleyo micabango kaNkulunkulu, owabonakaliswa. Niyabo?

122 Kodwa labo abema lapho ezingutsheni ezinde zobufundisi, nazo zonke izinhlobo zesithunzi, nazo zonke izinhlobo zokuphendulela iZwi liye ezintweni ezahlukene, futhi kuLenza lingabi nabuqotho kuLo, nje babengabebandla, babeyilowo owazisho ukuthi banokuKhanya, futhi ukuKhanya kwathuntubeza lokho kukhanya ababenakho.

123 Njengoba uzama ukubamba ilambu elibanikayo elangeni, ukhiphe ilanga. Niyabo? Kungani ilambu elibanikayo libeke lakhipha ilanga, kungani kungeke okunye ukukhanya na?

Akukho kukhanya okungakhipha ilanga. Ngani na? YiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. UNkulunkulu wathi, "Makube khona ukukhanya," futhi lokho ngukukhanya kukaNkulunkulu. YiZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe; nangu efika!

124 Akukho sivumokholo, ihlelo, akukho phapha, umpristi, noma ngabe kuyini, noma uDokotela wezobuNkulunkulu, akukho nhlangano, akukho sizwe, akukho lutho, oluyoke lukhiphe ukubonakaliswa kokuKhanya kukaNkulunkulu. Uma iZwi likhulunywa futhi liKhanye, kuzokwenza lokho Elathi Liyokwenza. Akukho sivumokholo esingama ngakuLo, akukho lutho olungama ngakulo, kodwa ukuKhanya qobo Lwakho nalabo abazohamba phakathi kukho. Lokho nguJesu Kristu evusiwe kwabafileyo, lapha eZibonakalisa phakathi kwethu, futhi sihamba kuYe. Akukho lutho olungakuvimba. "AmaZulu nomhlaba," uJesu wathi, "kodlula, kepha Lingeke." Qaphelani, bonke abafundisi beBhayibheli, nokunye nokunye . . .

125 Nokho, ukubona leloZwi liqinisekisiwe, isibonakaliso saKhe sobuMesiya sibonisa leso sifebe esincane ukuthi WayeNgubani, abanye ababenaleyo micabango emqondweni kaNkulunkulu, njengoPetru no—noNathanayeli, nabo bonke labo ababesekucabangeni kukaNkulunkulu. Kuthi lapho nje lokho kuKhanya kwabaneka, baKuqonda. Babengadingeki ukuba babadonsele e-altare, bababizele phezulu futhi—futhi babancenge, futhi babatshela ukuthi uzobenzela enye into ethize uma beyokwenza, futhi uyobanika impilo engcono, futhi ubone uma ubungakhuluma nomphathi ngomsebenzi, ubabeke endaweni yokuhlala engcono. Babengenandaba. Babedingeka balwe ukuba babambe indawo yabo. "Kodwa akukho lutho oluzosihlukanisa," kusho iBhayibheli, "othandweni lukaNkulunkulu olukuKristu." Ukuhlushwa, ubunzima, ukufa qobo lwakho, ngeke kusehlukanise, ngoba sonke sasikhona, sasilokhu sikhona, emicabangweni yaKhe. Kulungile, siyaqhubeka.

126 Ngabe isimo sakho samanje besiyokukhomba nabaFarisi balolo suku na? Ngabe isimo sakho samanje? Manje uma uthi, "Qhabo, besingeke sangikhomba nalabo baFarisi ngaleso sikhathi," khona-ke kuthiwani ngemanje na? AmaHeberu 13:8 athi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje simo sini isimilo sakho samanje esikukhomba kuso manje na? "Ngangingeyikuzihlanganisa nalutho nalabo baFarisi. Qhabo, mnumzane." Manje, lelo yigama nje, kuwe. Kodwa kuthiwani ngomumo okuwo, lapho uMbona namhlanje ebandleni laKhe njengoba nje Wayenjalo ngaleso sikhathi, manje ubuyoba kuphi na? Umlando uyaziphinda wona uqobo.

127 AbaFarisi balolo suku bamelana naYe ngenxa yobandlululo. Futhi lokho yileyo indaba namhlanje, izwe lamahlelo limelene neQiniso leZwi, ngoba liyabandlulula.

128 Nginengxoxiswano ngompristi wamaKatolika kungekudala, wathi kimi, “Uzama ukufundisa iBhayibheli.”

Ngathi, “Yilokho engikholelwa kukho.”

Wathi, “UNkulunkulu usebandleni laKhe.”

Ngathi, “UNkulunkulu useZwini laKhe.”

129 Wathi, “Lokho kwakunjalo, bonke labobantu bakuqala babengamaKatolika.” Ngathi . . . “UPetru, uJakobe noJohane, bonke babengamaKatolika.”

130 Ngathi, “Uma babeyilo . . .” Futhi wathi . . . Ngathi, “Wena, ucabangani ngebandla namhlanje na?”

Wathi, “Lingcono kakhulu kunalokho elaliyikho ngaleso sikhathi.”

131 Ngathi, “Nenza izinto enanizenza ngalesosikhathi.” Niyabo, isimilo sikhombisa lokho okuyikho kanye.

132 AbaFarisi balolosuku, ngenxa yobandlululo! Khumbulani, kwakungubandlululo. Empeleni baLibonile! UNikodemu, omunye wabapristi babo, wakuveza, futhi wathi, “Rabi, siyazi ukuthi Ungumfundisi ovela kuNkulunkulu. Akukho muntu ongenza lokho Okwenzayo uma uNkulunkulu engenaye.” Niyabo, kodwa ngenxa yobandlululo, ngoba Akalijoniyanga iqembu labo!

133 Ukuba Ubeyofika, athi, “Manje nina baFarisi ninephutha; Ngingu—NgingumSadusi,” noma, “nina baSadusi ninephutha; NgingumFarisi.” UmFarisi ubengathi, “Uyabo, ngikutshelilile ukuthi sasiqinisile.” Kodwa Akazange eze kunoma yimuphi wabo; kepha Wema phakathi kwabo.

134 Ukube ubuMlandelile, ukubona izimangaliso zaKhe khonake, bese kuthi-ke . . . Futhi uthi, “O, ngingathanda ukubona izimangaliso zaKhe.” Futhi wena waMlandela, ukubona izimangaliso zaKhe.

135 Bese kuthi-ke lapho Efika kule ndawo, wathi Umile ukuveza izimangaliso zaKhe, kanjalo, futhi waqala ukubafundisa. Futhi abafundisi abangamashumi ayisikhombisa, bagcotshwa nguKristu, bavuka futhi bahamba basuka kuYe ngoba Washo into ethize isayense ebingehambisane nayo, noma sonke isixuku asikwazanga ukuhamba nayo. Abakwazanga ukuqonda ukuthi lowoMuntu, engumuntu, nokho Azenze uNkulunkulu ehla evela eZulwini. INdodana yomuntu yenyukela phezulu lapho Ivela khona. WayenguNkulunkulu. Impela, Wayenguye. Bathi, “O, thina, lokho kunzima kakhulu, ngeke sihambisane nalokho.”

136 Ubuyokhonjwa kuphi ngaleso sikhathi, manje nesimilo sakho esibunjwe kuwe na? Okuthile okubumbe isimilo sakho. Unguhlobo oluthile lwesimilo. Ubuyozithola ndawo ndawo lapha. Yini owawuyoyenza na? Yini, esimweni sakho samanje, yini, wawuyoba kuphi ngaleso sikhathi na? Niyabo?

137 Othisha bonke bemelene naYe, nakho konke, nezimangaliso zaKhe zaMkhomba. Futhi lapho abangamashumi ayisikhombisa besukuma, nabelusi kanye nabefundisi, futhi basukuma base bethi, "Asikwazi ukukuqonda Lokho," ngabe wawuyohamba njengalelo bandla na? Noma ngabe wawuyofana nalabo bafundi, "Angikhathali ukuthi bathini"? Niyabo, kulapho.

138 Khona-ke uJesu waphenduka wase ebanika isivivinyo, wathi, "Nonke nifuna ukuhamba, nani na?"

139 Niyabo, baMbamba ngogibe. "Ngani, loMuntu uyizimuzimu," bathi, "sifanele sidle inyama yaKhe negazi." Bahamba, ibandla.

140 "Awu," abefundisi bathi, "awu, sizohlala isikhashana eside, sibone ukuthi konke kumayelana nani."

141 Futhi Wathi, "Manje lapho nibona iNdodana yomuntu izikhomba Yona uqobo njengoNkulunkulu manje, niyabo, lapho nibona iNdodana yomuntu iphakanyiselwa phezulu eZulwini kusuka lapho Ivela khona."

"O," bathi, "lokhu kukhulu kakhulu kithi," futhi basuka bahamba.

Khona-ke Waphendukela kubafundi, wathi, "Nifuna ukuhamba, nani na?"

142 UPetru wathi, "Nkosi, singaya kubani na? Singayaphi na? Siyazi ukuthi Wena, futhi Wena wedwa, unamaZwi okuPhila."

143 Futhi lokho yinto efanayo namhlanje, "Yena," hhayi inhlangano yakho, hhayi iqembu lakho. UKristu, futhi Yena yedwa, uneZwi lokuPhila. Yikuphi lapho uzikhomba khona, ngenye inkohliso engamanga yento ethile umuntu ayenzile, noma ukuzuza ngempumelelo kukaNkulunkulu na? Njengoba ngikhulumile ngeSonto eledlule ngo *Ukubala ngokuhlehla*, lokho uNkulunkulu akwazile ukukuzuza ngempumelelo, ukungenisa iBandla laKhe onyakeni wosomkhumbi mkhathi manje. Niyabo? Noma, ubuyoya kuphi, noma ungakubona ukukhonjwa kwakho manje na?

144 Qaphelani, ngothandwayo, umfundisi onothando. Ngifuna ukukhuluma nani bafo abasebasha, umzuzu nje. Uzikhomba kuphi, nenekazi eliselincane, wena esikoleni na? O, ungakuhlukanisa okusanhlamvu, ungakhombisa konke *lokhu*, futhi—futhi unguthisha wesayense nakho konke. Kodwa uyazi ukuthini? Ngeke bakunika ukuPhila.

145 UkuPhila kuza kuphela ngoKristu, "ukuMazi," hhayi ukwazi iZwi laKhe, hhayi ukwazi iBandla laKhe, hhayi ukwazi okwaKhe *Lokhu*. "Ukwazi Yena," yilokho kuphela okungakunika ukuPhila.

146 Futhi manje lapho Lokhu kufika phambi kwenjejana yesimodeni, into ethize njengomfana wakho wesimodeni wePentecostal, u-Elvis Presley, owathengisa ngobuzibulo bakhe

ngenxa yezimoto zakwaCadillac nezigidi zamadoda amarekhode egolide, nokunye nokunye. Yilokho izwe elikufunayo. Bafuna iPentecost elingavumela a—abantu . . .

147 Namuhla, abesifazane bafuna iPentecost elizovumela—zobavumela bagunde izinwele zabo futhi bagqoke izikhindi, noma benze noma yini abafuna ukuyenza, futhi—futhi nje bagcine ubufakazi babo—babo bokuba iPhentekoste. Bona, bafuna lokho ngokufanayo nje. Niyabo? "Qhabo, bengingeke ngaya kulesosigejana. Qhabo, bane . . . Leyo ifashini endala." Niyabo? Niyabo, bafuna lokho. Kuyimvelo nje. Futhi abanye bendoda, oholwa ngabesifazane, ubanika khona.

148 Kodwa, "UNkulunkulu unamandla kulawa matshe." Omunye umuntu ufanele asabalalise ukuKhanya, futhi sinendoda namuhla engesabi ukuKusakabalalisa, futhi. Makube noma yini okukufunayo.

149 Ukhonjwe kuphi na? Yiliphi iqembu onalo na? Niyabo? Umi kuphi na? Qaphelani.

150 Lomfo osemusha, wazikhomba yena uqobo nebandla lakhe; intengo yayinkulu kakhulu. Ngakho uma—ngakho uma ukhumbula ukukhonjwa kwakhe kokugcina, lapho sikhomba lombusi osemusha owayenethuba lokuza alandele uJesu. Waqhubeka futhi wathatha ibandla lakhe futhi waqhubeka. Wayengumfana omuhle, wathi wayegcine imiyalo futhi wenza zonke lezi zinto. Futhi wayazi kahle nje njengabo bonke abanye babo, ngakho wayengavele athathe lowo mqondo. Wenqaba ukulandela uJesu, futhi ukukhonjwa kwakhe kokugcina, simthola esesihogweni, wayekhalela uLazaru ukuba eze futhi amlethele amanzi.

151 Noma, ukukhonjwa kwakho, ngabe ubungakhonjwa neqembu uJuda wayekulo na? Waqala ukuhamba noJesu. Waqala kahle, njengoba amaPentecostal enza eminyakeni edlule. Kodwa yona kanye into abaphuma kuyo, inhlangano, omama nobaba benu, leli qembu eliselisha liphendukele ngqo emuva futhi labenza baba munye njengalapho bephuma khona. Niyabo? Unaluphi uhlobo lweqembu na?

152 Manje iBhayibheli lathi loNyaka weBandla laseLawodikeya . . . UJuda, niyazi, wathwala . . . Wabona amathuba okuthola into ethile enkulu ngalokho ayenakho. Wayekhonjwa noJesu. Ngakho wacabanga, ngalokho, wayethwala isikhwama, futhi wayengenza imali eyengeziwe ngokuthengisa ngaYe ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva.

153 Yilokho kanye okwenziwe nguNyaka weBandla laseLawodikeya. IBhayibheli lasho njalo. "Ucebile, futhi uthi, 'Ngandile, futhi nginenqwaba yezimpahla, futhi kangiswele lutho.' Kanti kawazi ukuthi ungolusizi, owokudatshukelwa, ophuphuthekile, ohamba-ze; futhi kawazi." Leyo yiPentecostal,

uNyaka weBandla wokugcina; hhayi uLuther, hhayi uWesley. Kepha, amaPentecostal, lowo nguNyaka weBandla.

154 Ukhonjwe kuphi manje na? Uthi, "NgiyiPentecostal." Niyabo likhonjwe kuphi na? NgokuMbeka ngaphandle. Impela, ngoba bacebile, banesidingo . . .

155 "O, wena uthi, 'cebile'?" Ngani, wawuvamise ukuma phandle lapha futhi ukhokhe amadola amathathu ngeviki ngomkhukhu omncane ekhoneni. Hhayi njengoba ngizama ukukhomba lokho; kodwa uma kuthatha lokho ukushumayela amaZwi agcwele, thatha lokho. Impela. Manje sikhokhe amadola ayizigidi ezingamashumi amahlanu ngamakholiji ezenkolo, namaqembu, nezinto ezinkulu kakhulu, futhi ngezinye izindawo sifaka izigidigidi nezigidi zamadola ezakhiweni ezinkulu kakhulu, ukwenza indlela, nokushumayela ukuthi uJesu uza maduzane. Futhi izithunywa zenkolo engizaziyo, ensimini, zingenazicathulo ezinyaweni zazo. Amen. Zenza umnikelo, ezinye izithunywa zezenkolo futhi; futhi omunye umfowethu omdala engenalutho ezinyaweni ngaphandle kwepheya lamasandali, yilokho kuphela ayenakho, wawaqukula futhi wawabeka phezulu lapho enzela umnikelo wesinye isithunywa senkolo. O, he! Ukhonjwe kuphi na?

156 MaPentecostal! Ngeke ngihlale isikhathi eside kakhulu lapho, kepha niyazi ukuthi ngiqonde ukuthi. O, he! Nithengisile! Sithengise ngani na? Sithengise ngobuzibulo bethu ngokuthandwa ngabantu. Sasifuna ukuba njengamaMethodisti. Nanifuna ukuba njengamaBaptisti namaPresbyterian. Lolo wuhlobo lwezakhiwo eninalo. Nimisa ikholiji lezenkolo, futhi njengesifukamelisi, futhi nichamuselise abashumayeli abathile abazonivumela ukuba nenze noma yini eniyifunayo, futhi nisalokhu nizibiza nge "phentekoste." Lawo ngamanga. Kunjalo! Khumbulani, khumbulani, lokho kwakuyinto kanye eyaphendula uJuda ukuba abe ngothandwa ngabantu phakathi kwabo bonke abanye abefundisi, waMthengisa ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva.

157 Yena, yini eyamenza waphenduka na? Empeleni wangabaza ukuzisho kukaKristu ngokuba yiZwi. Wayengambona lowoMuntu, edla kanye naYe, edoba kanye naYe phandle lapho, nakho konke okunye; futhi Yena eyiZwi, akakwazanga ukukukholwa. Wayengekholwe ukuthi WayenguNkulunkulu; kodwa Wayenguye. Isimilo sikaJuda sambangela ukuba enze lokhu. Ngabe isimilo sakho senze okufanayo na? Khumbula, uJuda wayekholwa kakhulu.

158 Ngaya e-Afrika, futhi bathi, "Ngani, uElvis Presley, sinamaculo akhe konke lapha, uyacula."

159 UPat Boone nabo, bebengafanele bavunyelwe ukukhuluma iGama. Amanyala nokungcola! Kungukuzenzisa. "Lowo obiza iGama likaKristu, makazehlukanise yena uqobo nesono."

Niyabo? Kodwa nakho lapho ukhona. Niyabona lapho esesifinyelele khona na? Isono sikhohlisa kakhulu, singena ngobuqili kakhulu, uze ungazi ukuthi silapho kuze kuba sesiqedile ukukuzongolozela kuso, niyabo, bese kuthi-ke sikuthole uphakathi ekulawuleni kwaso. Niyabo ukukhonjwa kokugcina kukaJuda kwaba kuphi na?

160 Futhi, mfowethu, ngoba ibandla oya kulo likhulu kunalelo elilandelayo ngapheseya ekhoneni, nokho bashumayela iQiniso, futhi awulishumayeli, uyabona ukuthi lokho kukuyisa kuphi na? Lokho yilowo moya kaJuda. Futhi uyakwazi ukukhonjwa kwakhe kokugcina na? Wayelenga emthini womthombe.

161 Noma ngabe uyazithola ukhonjwe nabafundi bangempela bakaKristu na? Manje-ke sizovala, ngokuqinisekile impela manje. Esineqiniso kuYe naseZwini laKhe, ebusweni bakho konke ukugxekwa! Ungazikhomba uqobo noPetru ngoSuku lwePhentekoste na?

162 Lapho bonke bakubona, bathi, "Bukani lesi sigejane sabantu abahlanyayo. Bonke badakiwe."

163 UPetru wasukuma wayesethi, "Wena ndoda yaseJerusalema, nawe owakhile eJudiya, makwazeke lokhu kini, futhi ulalele amazwi ami. Laba kadakiwe njengoba ucabanga; lokhu kuyihora lesithathu nje losuku. Kodwa lokhu yilokho, umBhalo, owakhuluma ngakho ngumprofethi uJoweli." Kwakuyini na? IZwi likaNkulunkulu lalibonakaliswa. Wathi, "Phendukani, nonke, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Isithembiso ngesenu, nabantwana benu, nalabo okude." Abangaki na? "Ngisho abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Ayikaze ibabize bonke, niyazi. Kodwa labo, ababiziweyo, bayazi ukuthi bafanele benzeni. Kulungile. Kulungile.

164 Noma, noPawulu, noma ngenkathi wawunoPawulu ngenkathi u—u—uDema othandwa ngabantu wamshiya, ngenxa yezinto zezwe, umsizi wakhe; ukuba wawubone bonke abantu behleka uPawulu, uzwa uPawulu ethi, "Letha ibhantshi." Indoda enenkonzo enjengaleyo ayenayo, futhi yayinebhantshi elilodwa.

165 Ngani, uDema wacabanga, "Wayefanele ukuba ebe nesikole seBhayibheli esikhulu kakhulu, nakho konke lokhu kuhlelwe ndawo zonke, nakwezinye izinhlangano ezinkulu kakhulu. Ngani, ubengaphulukisa abagulayo. Wayengumprofethi. Ngani, ubefanele abe nazo zonke izinhlobo zemali, izigidi zendlalifa, futhi lapha indoda yayinebhantshi elilodwa."

166 Wathi, "Kuya ngokubanda ezansi lapha. Mtshele angilethele ibhantshi lami ezansi lapho efika."

167 Futhi uDema, ebona lokhu, wahamba nezwe, washiya umfowabo omncane ompofu ukuba akulwe yedwa. Ubungalinga ume futhi ubone uJesu ngaphandle lapho, egodola, ukuMbona eswele, futhi uhambe usuke kuYe na?

168 Niyamkhumbula uMartin oNgcwele na? Iningi lenu bafowethu niyamkhumbula, imibhalo kaMartin oNgcwele. WayeseTours, eFransi, futhi wayengesiye umKristu. Umama wakhe wayengumKristu. Wayengumzala ka—ka-Irenaeus. Futhi, khona-ke lokhu kwakuyiminyaka eminingana engamakhulu emva kokufa kwabaphostoli, ngenkathi babesalokhu bezama ukugcina iZwi lindawonye; futhi ibandla eliKatolika lalikususa konke ngezimfundiso-ze, futhi babengeke bakumela.

169 Futhi uMartin oNgcwele, edlula esangweni, lapho . . . intambama ebandayo, futhi nakho kwakulele isinxibi esidala esihluphekayo lapho, zigodolela ukufa. Akekho owayengasinika ibhantshi. UMartin oNgcwele wakhumula ibhantshi lakhe uqobo, walisika laba nguhhafu wase esonga isinxibi ngalo, wase eqhubeka. Bamhleka. "Yeka isosha eliyisiphukuphuku kanje. Liphula ngisho imithetho yombutho wethu. Lenza konke lokhu. Indoda inebhantshi elinguhhafu izisonge ngalo, ngenxa yalowo malala epayipini."

170 Ngalobo busuku lapho eselele embhedeni wakhe, waphaphanyiswa ngumsindo. Futhi lapho ebheka phezulu, nakho kumi uJesu esongwe ngaleso siqephu sebhantshi. Wazi ukuthi lokho ayekwenze kuleso sinxibi, wayekwenze kuKristu. Lokho kwakungukuphenduka kwakhe.

171 Ubungama futhi ubone iVangeli lihlupheka namhlanje na? Noma ngabe ubungahamba nesixuku esithandwa ngabantu, njengoba kwenza uDema na? Ngabe uzoma ngakuYe, uphile noma ufe na? Njengoba kwenza uPetru, "Ngilungele ukuya etilongweni, noma ngabe yikuphi, naWe." Yebo.

172 Uma udaba luvela ebandleni, ukuthi ngabe abesifazane bafanele bagunde izinwele zabo, noma yini abafanele bayenze, njengoba benza kwabaseKorinte, yiluphi uhlangothi oluthathayo khona-ke na? Yini isimo sakho samanje esikwenzayo ngaleso sikhathi na? Cabanga ngakho, dadewethu. Lapho, uPawulu wathi, "Angimvumeli owesifazane ukuba afundise noma abe nayiliphi igunya, kepha ukuba athobeke."

173 Babhala futhi bamtshela, bathi, "Awu, ibandla ngapha, uMoya oNgcwele usitshelile."

174 Wathi, "Ini? Kuphumile iZwi likaNkulunkulu kini na? Futhi Leza kimi ngedwa. Uma noma yimuphi umuntu ezicabanga ukuthi ungumprofethi, makaqonde ukuthi lokhu engikushoyo kungumyalo kaNkulunkulu." Wathi, kwabaseGalathiya 1:8, "Uma ingelosi ivela eZulwini futhi isho noma yini enye into, mayibe ngeqalekisiweyo."

175 Yiluphi uhlangothi ongaluthatha kulolo daba ukuba kwakusebandleni lakho na? Hhe? Thola isimo sakho samanje manje. Ngizama nje ukubuza ukuthi ukuphi. O, mfowethu, masiphuthume. UPawulu wehla esikhundleni esikhulu, niyakhumbula. Wena uthi, "Kodwa, mfowethu, ngi—ngingumuntu wesifunda. Ngingu—ngingu. . . " Angikhathaleli ukuthi ungubani. Ngikubuza ukuthi kuyini ukuma kwakho kwamanje, isimilo sakho samanje. Yini, sikwenzelani na? Ubuyokhonjwa kuphi na?

176 UPawulu, khumbula, wehla evela emfundweni enkulu ngaphansi kukaGamaliyeli. UGamaliyeli wayenguthisha wakhe omkhulu, futhi wayeyinto ethize enkulu, bekuyoba umuntu omkhulu. Kodwa wehla, ukuze abone ukuthi iZwi likaNkulunkulu lingakhula njalo njalo, futhi wanikela ngempilo yakhe ngenxa yakho.

177 UMose uvela esihlalweni sobukhosi, ukuba abe nguFaro, ukuba athwale iZwi likaNkulunkulu ehlane.

178 UJesu wehla evela eZulwini, ukuba akunike ukuPhila. Yisiphi isixuku ozikhomba kuso na? O, ukwenza indlela ukuba azibonakalise Yena uqobo, njengokuKhanya okubanikayo! Ubengakwenzelani lokho na?

179 Manje, kunjalo, hlala unganyakazi nje umzuzu kade nje, imizuzu embalwa kade, uma ufuna ukukhulekelwa. Ngiyazi ukuthi nginibamba isikhathi eside. Sekuyimizuzu engamashumi amabili ngqo manje kushaye elesihlanu. Sizobe sesihambile ngelesihlanu, iNkosi ithanda. Lalelani. Yisiphi isixuku oyokhonjwa naso na? Ngifuna ukukubuza okuthile.

180 UJesu uzela ukuba Akwazi ukukhanyisa ukuKhanya. Ukukhanya okubanikayo kuthatha isithombe. Niyabo, ukuze Akwazi, ukwazi ukubonakaliswa, noma Angabonakala kuwe; lapho isithombe sakho sithathwa, siyobukeka njengesaKhe; uma abantu bekubheka, babona iZwi likaNkulunkulu liphila futhi. Yilokho Akuzelayo, ukuletha leyokhamera, ngeGazi laKhe elingcwelisayo, ukusondeza iZwi eduzane nawe. Ngenxa yalokhu, Wathi, uJohane 14:12, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." "Futhi uma umuntu ethanda ukuNgilandela, makadele isivumokholo sakhe, azidele, adele izwe, athabathe isiphambano sakhe aNgilandele."

181 Noma ngabe utholwa ukhonjwe kweminye yemiBhalo lapho i—kweminye yemiBhalo lapho i. . . labo abangazange bahlale na? Ukhonjwa nobani, empeleni na? Ikhamera isibanikile. Ukhonjwe ndawo ndawo. Nihleli lapha kulentambama, sonke, manje lalelani, uyakhonjwa ndawo ndawo. Ikhamera isivele isivele ibanikile. Uyazi ukuthi ungubani. Ithathe isithombe sakho ndawo ndawo. Manje ume kuphi na? Uyijaji.

182 Nkulunkulu sisize ukuba sikhonjwe kakhulu, kuYe, ukuthi sizobonisa ukuPhila kwaKhe kokwethu. Lalelani, umkhandi

wegolide wayevame ukuthatha futhi ashaye igolide, futhi wayelokhu elishaya futhi elishaya, futhi aliphendule futhi alishaye, kuze kube usebone isithombe sakhe kulo. Khonake kwakuyigolide elihlanzekile; wonke amanyelela ayeshaywe aphuma. Kwangathi uMoya oNgcwele, namhlanje, futhi kulomhlangano, emahoreni azayo, kwangathi Angathatha leliZwi futhi aLishayisise, enhliziyweni yethu, kuze kube konke ukungabaza kwethu, zonke izivumokholo, nazo zonke izinto eziphambene noNkulunkulu, sekuhamile, ukuze sikwazi, (lalelani manje) ukuba thina, iBandla, singabonakalisa uvuko lwaKhe.

183 Lalelani, lendatshana, bese nilungisa amakhadi enu omkhuleko.

184 ECarlsbad, eNew Mexico, iningi lenu lizwile ngalowo mgede omkhulu ezansi lapho, niyabo, phansi ngaphansi komhlaba. Uhamba wehle cishe imayela, e—entweni. Ihamba iyothu ngqu yonke indlela phansi, imayela ngaphansi komhlaba. Kumnyama kakhulu, uze ubeke isandla sakho kanje, awukwazi ukubona lutho, nje kumnyama kakhulu. Futhi umndeni omncane wehlela phansi ngesinye isikhathi, futhi—futhi umfanyana wayehamba nomholi, futhi umholi wawelela ngaphasheya, khona manjalo, futhi wavele nje wacisha isibani, nentombazanyana iqala ukukhala kakhulu. Yayesaba.

185 Lokho sekufana noMlobokazi omncane manje, ozomele uthathe ukuma kwaWo. Kubonakala kumnyama. UMkhandlu wamaBandla uzokuphonsa kuleyonto, noma uzodingeka ukuma bese uphuma. Ufanele ubonakalise isimilo sakho. Uzokwenzani ngaleso sikhathi na?

186 Kuzokwenzakalani uma ungakwazi ukuthenga noma ukuthengisa, lapho benokuhlangana kwebandla na? Manje wena uthi, "Lapho lokho kwenzeka na?" Qhabo, qhabo, ukubanika sekuvele kusithathile isithombe sakho-ke. Isimilo sakho sesivele sikutshelile. Usuvele ukukho. Niyabo? Uyakwazi okwashiwo yiBhayibheli mayelana nalokho. "Bayafika, bathi, 'Yebo, Nkosi, siyangena manje,' kodwa sekuleyithi kakhulu, umnyango usuvaliwe." Niyabo?

Kuzokwenzekani kuMlobokazi omncane na?

187 Ngicabanga ngakho, kulendatshana. Niyazi, ngenkathi leyo ntombazanyana yayikhala kakhulu, igxuma phansi naphezulu, ekuhayiseni, kwathi ukuyisabisela ukufa, ngenkathi ibone okwenzekile. Futhi kulobo bumnyama baphakathi nobusuku, yaqedwa konke khona lapho. Umfanyana wathi, wamemeza, ngezwi lakhe lonke, wathi, "Ungesabi, dadewethu omncane, sinomuntu lapha ongakhanyisa izibani."

188 Ungesabi, dadewethu omncane, sinoMuntu lapha Ongakhanyisa ukuKhanya, niyabo, Ongenza iZwi

likaNkulunkulu lenze nje lokho Elimele likwenze. Lowo Muntu nguJesu Kristu. Isimilo sakho asibonakaliswe nesaKhe.

Asikhuleke.

189 Ungesabi, Dadewethu omncane, sinoMuntu lapha ongakhanyisa ukuKhanya. Noma ngabe ukuphi, noma ngabe yini obone indawo yakho kulentambama, ngizoshiya lokho kuwe. Isimilo sakho samanje sizokwenza uzibone ndawo ndawo ngasemgqeni. Okungukuthi, ngabe sihambe amahora namahora kukho. Siyini isimilo sakho samanje na? Manje asikhuleke, futhi khulekani, nani. Manje khumbulani, ngingahle ngingaphindi nginibone futhi, ningahle ningaphindi ningibone, size sibonane futhi ngapesheya lapho. Manje esimweni sakho samanje; Angikhathali ukuthi ungubani. Esimweni sakho samanje, ngizibeka lapho, nami, sibonisa ini isimilo sami kule ntambama na? Ngikhonjwa kuphi na?

190 Baba waseZulwini, hlola izinhliziyo zethu, kulomzuzu. Kuthatha kuphela umzuzwana wesikhathi, ushintsho. Mawuze kithi umqondo kaKristu. IBhayibheli lathi, "Mawube kini umqondo owawukuKristu." Lokho kushintsha isimilo sethu. Futhi kule ntshumayelo ekhishiwe, uma ngifanele ngiyibize ngalokho, kule ntambama, nje indlela yami ethobekile yokukhombisa abantu lokho engikukholwayo, ukuthi Ubungathanda ukusazisa. Nkulunkulu, mawube kimi umqondo owawukuKristu. Futhi uma noma ngabe yikuphi lapho engehluleke khona ukuphumisela iZwi laKho ngo "amen," bese-ke sikulandela, khona-ke, Nkosi, ngishintshe, ngilungise. Ngiyinceku yaKho; ngifuna ukuba yiyo, Nkosi. Ngisize Wena. Siza wonke umuntu ophakathi lapha, Nkosi.

191 Futhi manje ngibanikela kuWe. Uma kukhona labo lapha, Nkosi, owayesekucabangeni kwakho ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngokuqinisekile lokhu kuyabavusa. Ngithemba ukuthi ngamunye wabo wayekhona. Futhi Lapho, Baba, sizokwazi uma Ufika futhi iNcwadi enkulu ivuliwe, sizoqonda-ke. Futhi uma kukhona omunye oye waphambuka, waphuma eNdleleni yezinyawo, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi namhlanje Uzobabuyisela emuva, ubalethe babuyele kuleyoNdlela yezinyawo yokulunga nokuPhila. Sisezandleni zaKho, Nkosi, yenza ngathi njengoba Ubona kufanelekile. Nginikezela lezi zethameli kuWe, njengezindebe zomhlangano, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

192 Manje asinaso isikhathi sokubizela e-altare, kodwa ngifuna i-altare libe senhliziyweni yakho. Ukhonjwe kuphi, esimweni sakho samanje na?

193 Manje emva kokushumayela kanjalo, ngizocela uMoya oNgcwele, uma Uzokwenza, ukuba ungisize umzuzu nje manje, ngize ngikwazi ukuthola ugcobo ukuba ngikhulekele

abagulayo. Lezizinto engizishilo, mazibe yiqiniso, Nkulunkulu. Okungukuthi, ziyiqiniso.

194 Manje uma wonke umuntu ezogcina isihlalo sakho ube nenhlonipho yokuzithoba ngempela umzuzwana nje, ngiyacela, ngakho, niyabo, futhi uxhumane naYe. Nisentweni ethize ngqo *lapha*, futhi into ethize iyahamba, ikuphonsela ngaphandle. Yinto enzima kakhulu. Kubonakala sengathi, uma lowo wesifazane oyedwa phezulu lapho e—eSikari . . . Kwake kwenziwa ngesinye isikhathi. UJesu akazange akuphinda phinde.

195 Kodwa abantu baseMelika bafanele bajabuliswe, niyazi, lokho yi—lokho yimvelo yethu nje. Nje besinga . . . Besingaqoka ukuhlala ekhaya futhi sibukele ithelevishini, ukubungaza okuningi kunalokho okukhona ebandleni. Niyabo? Lokho ngukuthi, niyabo, lokho ngukubungaza. Yilokho esikufunayo. Sekungene ebandleni. UNkulunkulu akakubungazi. Uvele nje akulethele iZwi laKhe. Niyabo?

196 Washo lokho kulowo wesifazane, futhi babedingeka bakholwe yilelozwi lesifebe ngakho. Kodwa umuzi wonke wawusulungele, niyabo, babesemicabangweni kaNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

197 Manje kwangathi uNkulunkulu angakuphinda futhi kule ntambama, ngumkhuleko wami othobekile. Ekunishiyeni, kwangathi Angashiya lokhu nani. Khuleka

198 Bangaki ngaphandle lapho . . . Angiboni muntu lapho engimaziyo. Wonke okulesi sixuku, futhi angi . . . mhlawumbe, mhlasimbe amakhadi omkhuleko asezindaweni zonke. Kodwa wena ohlezi lapho, ogulayo noma onesidingo, noma into ethize, futhi uyazi ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa izandla zakho, nje ndawo zonke lapho ukhona. Niyabo? Ngumuntu wonke nje.

199 Kwangathi iNkosi ingasisiza manje kulokhu. Manje akunganyakazi muntu. Ningakwenzi, ngiyacela, akunganyakazi muntu. Lena yi—yinto enkulu.

200 Manje, asikho isidingo ngami ukuba ngisho, ngizama ukukuchaza, ayikho indlela yokukwenza. Manje, iBhayibheli lathi, okungukuthi liyiZwi, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Ngabe kunjalo na?

201 Manje ngezinye izikhathi ukukholwa akwaziwa kuwe; nikutholile, futhi awukwazi. Uma uzama ukuziphoqelela entweni ethize, uyakugeja, uhamba ngaphezu kwakho. Kuthobeke kakhulu futhi kulula, niyabo. "Futhi UnguMpristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Khona-ke, uma uMthintile, Uyokwenza njengoba Enza ngaphambili. Ngabe kunjalo na? [Ibandla uthi, "Amen."—Umhl.] Manje qaphelani.

202 Niyambona lona wesifazane ohlezi phansi lapha na? Angiwazi umphefumulo omncane. Uhlezi lapho nje, kodwa ngandlela-thize usekuxhumaneni noNkulunkulu. Isizathu, ezingeni engibuka kulo manje, ngibona owesifazane, futhi unomuzwa omncane wokuthi kukhona okuqhubekayo. Ukhulekela abantwana bakhe ongekho lapha. Kunjalo. Angimazi. Angikaze ngimbone owesifazane, kodwa ubekhathazeke ngokujulile mayelana nabantwana abathile.

203 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakukholwa lokho, ukuthi uJesu Kristu ulapha, uMoya oNgcwele O. . . Niyabona, uma singaziqhelisa endleleni! Niyabo? Manje ukukuphulukisa, angikwazi. Niyabo? Noma, ukuba ngikunike isifiso sakho, angikwazi. Niyabo, lokho kuzomele kufike ngoNkulunkulu, 'ngaphandle uma Ezongitshela ukuba ngikutshele okuthile. Manje, kodwa uma engangembulela ukuthi iyini inkinga ngalowo mntwana, noma ngabe kuyini, u—uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzokholwa.

204 Manje zonke izethameli, uma ufisa, inenekazi lihlezi khona lapha. Ungasukuma na? Manje, iBhayibheli lilele lapha phambi kwami, angimazi owesifazane. Angikaze ngimbone. Manje, lapha, buyela emuva ngqo eSikari manje.

205 Ngiyacela, wonke umuntu akabe nenhlonipho yokuzithoba. Niyabo? Uma ubona okuthile. . . Niyabo, ngumoya, uyahamba hamba, uyangilahla futhi.

206 Yebo, inenekazi linabantwana abathathu elibakhulekelayo, futhi bonke bobathathu usibekelwe yithunzi. Okusho ukuthi, abasiwo amaKristu. Abasindisiwe. Kunjalo. Omunye wabo yintombazane, futhi unesilonda emlenzeni wakhe, ngenhla phezulu. Kunjalo, akunjalo na? Omunye, into ethile engalungile ngamehlo abo, omunye wabafana. Omunye unenkathazo yenhliziyo, futhi ungohlulwa utshwala. Lelo yiqiniso. Ngabe leso yisifiso sakho na? Ngabe yilokho okufunayo kuNkulunkulu na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke cela, eGameni likaJesu, ukuba Akunike okuyisifiso sakho. Udinga—dinga noma yini, noma yini enye na?

207 Nanti inenekazi, nje ngisasho lokho, kuliphazamisile. Lihlezi emuva ngqo lapha. Lihlushwa isifo samathambo. Igama lalo nguNkosazana Thomason; ngeke lazi. . . Yebo. Ngiyisihambi kuwe. Angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa uyilowo. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi engikushilo kuyiqiniso, futhi kuvela kuNkulunkulu na? Uhlushwa yisifo samathambo.

208 Lowo ngumyeni wakho ohlezi lapho ngakuwe. Uyagula, naye. Unento ethize engalungile e—emithanjeni yakhe, ibizwa ngokuthi "ukuqina komthambo wegazi osuka enhliziyweni." Kunjalo. Unento ethize engalungile ngezinyawo zakhe, futhi. Kunjalo. Futhi, khona-ke, uzama ukuyeka ukuphuza. Ufuna

ukukwenza. Ungohlulwa uphuzo, kodwa uzama ukuyeka ukuphuza. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzongamukela njengenceku kaNkulunkulu na? Khona-ke ngiyakukhulula kulokho, eGameni likaJesu Kristu. Uyakholwa, mnumzane na? Nikela inhliziyo yakho kuKristu, bona abefundisi mayelana nombhaphathizo, futhi into isiphelile kuwe. Kholwa nje.

209 Uyakholwa na? "Uma ungakholwa!" Unokuthile okungalungile ngohlangothi lwakho, awunjalo, sthandwa na? Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokuphulukisa.

210 Ohlezi lapho, olandelayo, unesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisela isifo sikashukela, futhi akusindise na?

211 Inkathazo yenhliziyo; uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa inkathazo yenhliziyo na? Kulungile, mnumzane.

212 Futhi, inkathazo yenhliziyo, olandelayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa inkathazo yenhliziyo, olandelayo na? Kunjalo. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza lokho na? E-hhe.

213 Lelinenekazi elikhulu elihlezi lapha. Imizuzu embalwa edlule, ngenkathi bengisashumayela, ngehla mayelana nokuzikhomba, libheke ngqo ngokuqondile ngakimi. Uphulukiswe ngaleso sikhathi. Ubunenkathazo yezinso. Uma lokho kunjalo, phakama ngezinyawo zakho. Niyabo? Awu, uthi uku. . .Bekungesiwo umuzwa oxakile ofika kuwe ngenkathi ngisho lokho mayelana nokuzikhomba na? Futhi ube nomuzwa oxake ngempela, wangibheka ngqo. Yilapho kwenzeke khona. Iya ekhaya manje, ususindile. Kholwa nguNkulunkulu nje, yilokho kuphela.

Niyabo, iZwi liyabonakaliswa.

214 Ubambe umoya wakho, mnumzane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa ngaleyo nkathazo yenhliziyo, akusindise na? Indoda enezinwele ezimpunga, umfo obukeka kahle ehlezi lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa inkathazo yenhliziyo na? Uyakholwa. Umkakho uhlezi lapho manje. Uyakholwa ukuthi ngingakutshela ukuthi yini engalungile ngomkakho, ngosizo lukaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngaye na? Ngukushodelwa yigazi, isimo segazi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzonisindisa nobabili manje na? Uyakholwa? Uyakwemukela na?

215 Manje inenekazi elihlezi eceleni kwakhe. Niyakubona lokho okwehla lapho na? Lelo nenekazi linento ethize engalungile ngeqolo lalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa inkathazo yeqolo, nenekazi, futhi akusindise na?

216 Indoda eseduze kwakho inesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa ngesifo samathambo, mnumzane na? Uyakwemukela na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

217 Kuthiwani ngalelo nenekazi elincane elihlezi lapho lingibuka ngqo, khona ngqo eduze kwakho na? Yebo, likhulekela unina. Umama osesibhedlela, enesifo esithelelanayo. Kunjalo.

218 Wena ophakamise isandla sakho, eceleni kwakhe ngqo, udadewethu. Bekungesiyena umama obumkhulekela. *Leli* nenekazi likhulekela unina esibhedlela. Futhi, kodwa, wena, uyihlo, unomdlavuza, futhi uyamkhulekela. Kunjalo. Niyabo?

219 Inenekazi elilandelayo linenkathazo yamaphaphu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa inkathazo yamaphaphu na?

220 Manje, niyabo, sekuvele nje kwangiphuphuthekisa nje, cishe impela, ukubona abantu abathi ababe ngamashumi amabili noma amashumi amathathu ngaphesheya lapho.

221 Yini, ukhonjwa kuphi na? Ngabe ukhonjwa ekutheni, "Ngiyikholwa. Ngikholwa nguNkulunkulu. Noma, ngikholwa ukuthi lona nguYe"? Ngabe u identi-. . . Noma, wena u—ukhonjwa naleloZwi, uthi, "uNkulunkulu waKwethembisa. Lokho uJesu akwenza ngaleso sikhathi, Uphinde wakwenza namhlanje. Futhi ngiyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zaseSodoma, futhi nje ngaphambi kokubhujiswa kwezwe. Futhi uJesu wethembisa ukuthi Uyozibonakalisa Yena uqobo futhi njengoba nje Enza eSodoma, njengoba Wayenza lapho, futhi njengoba Enza manje." Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

222 Khona-ke, nonke nina eninamakhadi omkhuleko, ku*lolu*hlu olulodwa lapha, lesisigaba lapha, sukumani nencike odongweni, nga*leyo* ndlela. Phumani ngqo endaweni yenu, sukumani nencike ngodonga, nonke ku*lolu* hlangothi.

223 Manje makuthi labo abaku*lesi* sigaba onamakhadi omkhuleko, isigaba esiphakathi nendawo, sukumani nime kulesi sikhala esiphakathi nezihlalo, phumani nime *ngale* ndlela. Ninga, ningaweli manje, niyabo, yimani ngqo esikhaleni esiphakathi nezihlalo. Niyabo, hamba ngqo . . .

224 Manje lindani. Ngifuna lesi, lesi sixuku ngaleya ku*lolu* hlangothi, nime nga*le*dlela, bukani, jikani ngale ndlela. Ngifuna *lesi* sixuku ukuba sizungeze *ngale* ndlela; buyelani emuva ngesikhala esiphakathi nezihlalo, buyelani emuva nga*leyo* ndlela, woza ngapha futhi nizijoyine nina uqobo *ngapha*.

225 Manje nonke okulesi esinye isigaba, onamakhadi omkhuleko, sukumani ku*lesi* sikhala esiphakathi nezihlalo, ngalendlela. Kulungile. Phumelani *lapha*, futhi nibuyele emuva niye ngasemuva, futhi nijoyine ngemuva kwalaba.

226 Manje kuphakathi kokuthi uzobona ukufambula okuphelele noma uzobona iNkazimulo kaNkulunkulu. Manje ukhonjwa kuphi namhlanje, nekholwa, noma ufanele ubungazwe, noma uzokholwa nguNkulunkulu na? Abanye babo ngesikhathi seBhayibheli, ngisho nesithunzi sikaPetru oNgcwele, umdobi owayengakwazi ukusayina igama lakhe, isithunzi salowo muntu, lowo owabonisa isibonakaliso esifanayo osibone lapha namhlanje, sedlula phezu kwabantu futhi baphulukiswa. Bangaki abazi ukuthi lokho yiqiniso na? [Ibandla uthi, "Amen."—Umhl.]

227 Manje, bazalwane, awushiywanga ngaphandle. Ngenkathi laba lapha, njengalokho, niyabo, kuyokwenza lokho kufike. Futhi nje ume lapha. [UMfowethu Branham uphendukile wase ekhuluma kubefundisi. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

228 Uma kukhona umelusi lapha okholelwa ekukhulekeleni abagulayo, angifuni ukushiya nina bantu nicabanga, (mina ngimi phezulu lapha njengomvangeli futhi—futhi enesiphiwo sokukwahlukanisa, nokunye nokunye okunjengalokho, nehora lesiprofetho esiphila kulo), ukukwenza ucabange ukuthi umelusi wakho akasiye nje kakhulu njenganoma ubani omunye. Uyinceku kaKristu, negunya elifanayo enginalo noma omunye umuntu analo. Igunya lethu nguJesu Kristu. Futhi ngizoba nabo behlele lapha futhi bakhuleke kanye nami ngenkathi sisakhuleka.

229 Manje, wonke umelusi ophakathi lapha okholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu futhi ufuna ukuma nathi lapha, uzoza futhi wenze, uthathe indawo yakho kanye nami lapha ngenkathi ngisakhulekela abagulayo, noma ngubani kini belusi ofuna ukuza. Leli qembu labelusi, abelusi abaxhasayo, ngibabuzile lapho; ngathi, "Akwenzi mehluko ukuthi umelusi uyini, ungowaliphi ibandla." Uma uyiPresbyterian, iLuthela, noma umpristi weKatolika, woza lapha futhi ume kanye nathi uma ukholwa uMlayezo kaKristu, ukuthi uyakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Woza lapha futhi ubeke izandla zakho phezu kwabo. Ngokuqinisekile ubungeke—ubungeke wehlukanise, njengenceku kaKristu, ubungeke uzahluse ne. . .ezidalweni ezingabantu, kungakhathaleki noma ngabe bangabendlu yabefundisi yakho—yakho—yakho noma qhabo, noma isifunda sakho sobufundisi. Ubungeke wazehlusa kubo. Uzokholwa. Manje wamukelekile ukuza lapha futhi usize kanye nami, ukubeka izandla phezu kwalaba bantu abagulayo, ukuthi bangahle baphulukiswe.

230 Kulungile, ngicabanga ukuthi imigqa ithi ayilungele ukuqala. Ngifuna abangenisi manje ukuba bame ezindaweni zabo, ukuze bakwazi ukusiza ngabantu.

231 Manje, ukuze singabi. . .wonke umuntu uzoqonda, manje lalelisisani impela. Niyezwa na? Thanini, "Amen." [Ibandla

lithi, "Amen."—Umhl.] Kushoni futhi. ["Amen."] Bukani, ngizoninika . . .

232 Manje, angikwazi ukuthatha umuntu ngamunye, ngime lapho futhi ngikhuleke kanye nabo, futhi ngibe nokwahlukanisa. Ngizothatha cishe abahlanu noma abayisithupha, futhi bebeyongikhipha esakhiweni. Niyakwazi lokho.

233 UJesu, owesifazane waMthinta, futhi Waphenduka futhi wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, nakho konke ngakho. Futhi Wathi, "*Amandla* aphumile kiMi," *amandla okuqina*; umuntu oyedwa. Futhi lowo kwakunguNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni.

234 Lesi yisiphiwo esincane nje, niyabo, ukuMbonakalisa, isiphiwo esithenjisiwe sosuku. Qaphelani, mngane.

235 UPetru, ngesinye isikhathi, wabizelwa enkundleni lapho kwakunowesifazane ofile, ogama linguDorka. Nonke enikukhumbulayo, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi waya ngale wase eguqa phansi, futhi wakhuleka. Emva . . . Lalelani manje, nina bantu enisemgqeni womkhuleko. Emva kokuba esekhulekile, waya ngale wase ebeka izandla kuDorka, futhi waphila. Ngabe kunjalo na? ["Amen."]

236 Manje, bazalwane, ngifuna nina nalelibandla ukuba nijoyinane nami. Bhekani lapha, kumi lapha, cishe abantu abangamakhulu amahlanu, noma mhlawumbe ngaphezulu, bemi lapha, kule ntambama, ukuba bakhulekelwe. Manje asikhuleke umkhuleko wokukholwa, ngamunye wethu. Bese kuthi-ke lapho abantu bedlula, lapho nibeka izandla zenu phezu kwabo, nizibeke phezu kwalapho, ngokukholwa, lokho kuzokwenzeka. Ngizokholwa. Nginjalo, mina, ngenhliziyo yami yonke, ngizokholwa.

237 Baba wethu waseZulwini, manje imashi enkulu izoqala lapha. Amakhulu abantu bazodlula, futhi ngaphansi kwalezizandla zabefundisi. Mabaqonde, Nkosi, ukuthi nje badlula ngaphansi kweSiphambano. Badlula ngaphansi kwe . . . lapho iGazi lachitheka khona ukwenza lokhu, lokhu esikwenzayo, kuphatheke. Ngokuba, Yena owalenga eSiphambanweni, wathi, "Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Futhi abantu mabakwamukele.

238 Wathembisa ukuthi Uyosindisa yilowo nalowo "othandayo." Awukwazi ukusindisa izwe, ngoba noma ubani "othandayo" angeke akukholwe Wena. Wangena edolobheni, imisebenzi eminingi yamandla anikwazanga ukuyenza, ngenxa yokungakholwa.

239 Futhi ngeke ngisho Ukwazi nokusiza umuntu oyedwa odlula kulomugqa, ngaphandle uma bezithandela ngokwabo, kuvela ekujuleni kwenhliziyo yabo, ukuzikhomba namakholwa

neZwi likaNkulunkulu, ukuthi into ayisekho. Kwangathi lokhu kukhonjwa okukhulu kungeza manje, ukuthi lapho ngamunye walaba bantu edlula ngaphansi kwezandla zalaba befundisi, kwangathi uMoya oNgcwele angabeka enhliziyweni yabo ukuthi benze ukuyala kukaNkulunkulu, futhi kwangathi bangaphuma lapha bethokoza, bephulukisiwe, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu. SiyaKuthobela, Nkosi, kulesi senzo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

240 Ngifuna othile, Roy, woza lapha uma uthanda, futhi ucule u*Kholwa Kuphela*. Ngifuna nina nonke, amakhanda enu ekhotheme, nawo wonke umuntu ekhuleka.

241 Manje, laba ngomama, obaba, nabantwana, abancane, izingane ezigulayo, abantu befa ngomdlavuza. Ukuba bekunguwe, ubungafuna umuntu othize ngobuqotho. Futhi sifuna lobo buqotho.

242 Manje, sonke asikhothamise amakhanda ethu manje. Ngizokwehla lapha phakathi kwabafowethu, ukukhulekela abagulayo. [UMfowethu Branham nabefundisi babeka izandla kwabagulayo futhi babakhulekele emgqeni womkhuleko. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

243 Niyazi, kube yisikhathi esimangalisa kakhulu kule nhlanganyelo. Futhi ngiphawule okuthile kule ntambama; angazi noma ngabe niphawulile noma qhabo. Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye alabo bantu abaphulukisiwe, baphulukiswe ngaphambi kokuba ngisho baze bafinyelele lapho ebengikhona. Bebememeza kakhulu futhi bememeza, futhi benika uNkulunkulu udumo ngaphambi kokuba bafinyelele lapho.

Manje sizokhulekela lamaduku.

244 Nkosi Jesu, siyazi ukuthi eBhayibhelini, bathi, "Bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele." Hhayi ngoba wayenguPawulu, kodwa ngenxa yokuthi wayeyinceku yaKho, Nkosi. Wayeyinxusa laKho, futhi siyazi ukuthi basho ukuthi, "Ukugula nezifo kwahamba." Abantu abaningi abakwazanga ukuthamela umhlangano, futhi bathumela iduku ukuba libamele. Nkulunkulu, makuthi iNgelosi yeNkosi; WayenguYe owabuka phansi phezu koLwandle oluBomvu futhi—futhi walethusa, futhi u-Israyeli waqhubekela esithembisweni sabo. Siphe khona, Nkosi, ukuthi lokhu kuzoba ngokufanayo. Kwangathi lamaduku, abekwe phezu kwabagulayo, aphulukise abagulayo. Ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, eGameni likaJesu, ngiyakucela. Amen.

245 Manje ngifuna nje ukusho izwi noma amabili, kini, ngenxa yokuthi ngiyanithakasela ngempela. Ngithakasela laba befundisi abahle, bonke ezansi ngomugqa; bafake isikhathi sabo sokusiza, nakho konke. Futhi mhlawumbe ungahle ukuba ucabangile, bazalwane, ukuthi ngenkathi ukuhlukanisa

bekusaqhubeka, nokunye nokunye, phansi lapha, bengingazi ukuthi ubukhuleka mayelana nani, kodwa iNkosi uJesu yangikhumbuza ngakho. Ngiyazi lokho . . .

246 Ungakhathazeki ngomama wakho. Uzoba kahle.

247 Futhi wena ohlezi *lapho*, naleso sifo samankanka nenkathazo yabesifazane. Ngikwazile, sonke lesisikhathi. Uzodlula kukho. Ungakhathazeki.

248 Niyabo, Ubungemuva kwethu, ngokufanayo njengoba nje Ubelapha ngaphambili, futhi Wazi konke ngakho. Niyabo? Manje usufike emgqeni womkhuleko, futhi uNkulunkulu ofanayo obengangigcoba ngaphambi kwenkonzo, lapha Wenza okufanayo. Niyabo? Ku. . .Futhi nje Unguye izolo, namuhla, naphakade.

249 NiyaMkholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, Akamangalisi na? ["Amen."] Lokhu akusiyo into ethile na? Ya

250 Bangaki abazi leliculo, "*Libusisiwe igoda elibopha izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu*"? Ungasinika ukhiye kulelo, dadewethu na? Ngi—ngifuna ukulicula. Angazi ukuthi kungani, kodwa asilicule nje. Yimani ngenhlonipho yokuzithoba ngempela ngaphambi kwaKhe manje futhi nicule, asilicule kanye kanye manje.

> Libusisiwe igoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Ukuhlanganyela komqondo sesihlobo somndeni
> Kufana nalelo laPhezulu.

Lokho yisikhathi esidala.

> Lapho sesihlukana ingxenye, (Asiphakamise izandla zethu.)
> Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
> Kodwa sisayolokhu sihlangene enhliziyweni,
> Nethemba lokuhlangana futhi.

251 Anikuthandi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Size, size sibonane, manje, sonke kanye kanye, "Size sibonane," sonke kanye kanye manje.

> Size sibonane! size sibonane!
> Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
> Size sibonane! size sibonane!
> UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

252 Asikhothamise amakhanda ethu manje ngomkhuleko. Ngizocela umelusi lapha, umfowethu, uma ezoza anyuke; futhi uma kukhona noma yini ofuna ukuyisho, mfowethu, noma ngabe yini ofuna ukuyisho, noma ukhulule izethameli. Ngize nginibone futhi, uNkulunkulu abe nani. Ningikhulekele. NgiyaMthanda. Amen.

